


UKUPHULUKISA

NGOKUKAN NKULUNKULU

 "...phakathi lapho. Ngifanele ngiliphonse inetha kuze kukhishwe zonke izinhlanzi; uyazi ukuthi zonke zingezakho." Wathi... Ngathi, "Ngizozikhipha, khona-ke sezinge—zingezakho-ke. ngizethula kuwe." Kodwa ngathi, "Ngeke uzikhiphe lapho ngaphandle kokuthi uzikhiphe ngenethi."

² Futhi yilokho ukushumayela okufanele kukwenze, ngukubakhipha ngenethi. Futhi siphonsa inetha phakathi lapha, futhi mhlawumbe iNkosi ithi, "Awu, phonsa inetha lakho ngalapha." Futhi besingaphonsa phakathi lapho, futhi sidonse. Awu, phakathi lapho, asitholi, mhlawumbe, ngaphandle kwenhlanzi nje, noma ezimbili, kulokho kubizela e-altare. Futhi mhlawumbe abanye babo bayenyuka, futhi baqhubekele baphumele emuva ezweni, akwenzi mehluko kubo. Awu, senze konke okusemandleni ethu.

³ Siya emgodini olandelayo, futhi siphonsa inetha lethu futhi sidonse lapho, futhi sibone ukuthi yini esingakuthola kulowo. Mhlawumbe ungatholi lutho kulowo. Mhlawumbe isigejane siza e-altare. Akekho kubo owabambeleva; ngakho-ke lokho ku—lokho kukuyo iNkosi, niyabo.

⁴ Ngakho-ke siya emgodini olandelayo futhi siphonsa phakathi, mhlawumbe sithole isigejane sezinhlanzi kulowo.

⁵ Siyobona, khona-ke, empeleni, niyabo, thina nje—thina nje sivele sihambe siyophonsa inethi lethu phakathi, yilokho kuphela. Niyabo? INkosi isimisele ngaphambili ukuba sishumayele iVangeli, yabamisela ngaphambili abazo Lizwa, ekuPhileni okuPhakade. Manje sifanele siphonse inetha, kunjalo, niyabo, noma ngabe yini—noma yini engeyeNkosi. Lapha, bonke belele bezungeza i-altare, "Manje, Nkosi, nabaya. Ngenze konke okusemandleni ami. Nali inetha leVangeli, libatholile, wonke umuntu wabanjwa. Uyazi ukuthi yini inhlanzi. Futhi Uyazi ukuthi yini izimfudu. Futhi Uyazi ukuthi yini izinyoka. Futhi Uyazi ukuthi yini amaxoxo. Futhi Uyazi ukuthi kuyini, ukuthi kuyini. KungokwaKho, ukwenza ukukhetha." Kodwa sivele saphonsa inetha.

⁶ Yena ukubonile, kodwa akakuvumanga. Awu, lokho kulungile. Ya, inqobo nje uma bona...wena uyakwethula, kulungile.

⁷ Manje, kubukeka sengathi wonke umuntu ucula amaculo akhuluma ngoKhisimusi omhlophe, futhi ekhulekela okufanayo.

Singahle sibe nakho, kubukeka kanjalo. Lokhu kuyaqhubeka, singase sibe noKhisimusi omhlophe. Futhi uKhisimusi yisikhathi sonyaka . . .

⁸ Ngifisa sengathi kungaba uKhisimusi njalo. Wonke umuntu ubonakala enobungani kakhulu ngesikhathi sikaKhisimusi, befuna ukusizana, nakho konke. Wonke umuntu phansi emgwaqeni, athi, “Unjani, mfowethu na?” Kwezinye izikhathi zonyaka, angeke ngisho akhulume nawe. Ngakho-ke ngi . . . Kungaba kuhle uma kuhlale kunguKhisimusi, (bekungeke yini na?) uKhisimusi nje ngaso sonke isikhathi.

⁹ Futhi iqiniso lalo lonke iphutha nakho konke okukhona ngakho, kukhona okuthize ngakho umhlaba ozama ukuyenza u-X-mas, niyazi. Futhi, kodwa uNkulunkulu usenoKhisimusi kuwo, ndawondawo, Akanawo na? Impela Unawo. Yena unokuthize ngakho, wona kanye amagama nje, nemicabango yokuzalwa kweNkosi uJesusu. O, izwe libeke uSanta Claus endaweni yaKhe, impela, kodwa hhayi kumKristu. KusewuKhisimusi.

¹⁰ Manje, uKhisimusi awulona iholide lamaProtestane. Usuku lweKatolika. Umhla zingama 25 kuDisemba kwakuyizinyanga nezinyanga ngaphambi kweyethu . . . ngemva . . . noma ngaphambi kokuba iNkosi yethu izalwe. INkosi yethu yazalwa ngo-Apreli. Kodwa Ayizalwanga ngoDisemba. Uma uke waba seJudiya, ngoDisemba, kuyabanda kunalokhu, ngakho-ke—ngakho-ke niyazi ukuthi Ayizalwanga ngoDisemba. Futhi kupelishwa, kungu-C-h-r-i-s-t-m-a-s, imisa likaKristu. Yimisa likaKristu.

¹¹ Sineholide elilodwa kuphela lamaProtestane eMelika, futhi uMnu. Roosevelt wasishintshela lelo. E-hhe. Lokho ukuBonga. Zonke ezinye ziyizinsuku zobuKatolika, zonke zazo. Niyabo? UMnu. Roosevelt wasishintshela lelo. Ngakho-ke siba nalo njalo ngoLwesine, noma iviki elithile, noma into enjalo. Akusekho osukwini olumisiwe olujwayelekile.

¹² Ngakho-ke bonani ukuthi sinomqulu ongakanani! Umhlaba wonke usube yingxubevange ye—yenkuncukucu, nesono, nokuphelelwa ithemba. Futhi njalo . . . Kufanele kufike ngaleyondlela, ukuba kuqhume. Niyabo. Yonke into isithukulule zonke izibopho, yonke insimbi nezinto, ukwenza imikhumbi namabhuloho, nokunye nokunye. Lokho uNkulunkulu akuhlanganisa nakho, futhi wakushisela wakuhlanganisa, futhi wakuhlanganisa ndawonye kanje; uthathe wonke amagesi namafutha nezinto, aphuma kukho, kanjalo, ukuba kushiswe, nophethiloli ezimotweni, nokunye nokunye. Futhi ekhipha wonke amalahle, ukwenza ugesi. Niyabo? Wena uvele ukukwapune, kuze kube igobongo, kunemicu nje, nezinto eziphuma kukho kanjalo. Bese kuthi-ke abantu sebevele babanesono kakhulu, kwaze kwaba nje ‘kwaba inkuncukucu

enkulu, kuze kube nje njengoba kwakunjalo ekuqaleni, “UNkulunkulu wadabuka ngokuthi Wake wamenza umuntu.” Kubiza nje ujeke omncane we-atomu ukuhlela yonke into ingahleleki lapho. Khona impela Athi kuyokwenza, niyabo.

¹³ Ngakho-ke siphila kulolosuku nje, futhi sijabule ukuba ngumKristu. O, he! He, bengingenzenjani ukuba ngi... Ngikholwa ukuthi bengingahlanya, ukuba bengingesiyi umKristu, ngibuka into. Angiboni ukuthi abantu bangakumela kanjani. Angiqondi nje ukuthi umuntu angahamba kanjani emhlabeni, namuhla, ngaphandle kokuba umKristu. Ngifisa noma ngabe ngubani anganginika isizathu, isizathu esithize, ukuthi kungani ngingakhonzi uKristu. Ngi—ngi—ngi... Awukwazi ukunikeza isizathu esiphusile. Niyabo? Thina nje... Lolu wusuku okufanele sonke sijabule ngalo, futhi silungele, isikhathi esikhulu sokubuyela eKhaya sesiseduze.

¹⁴ Futhi, o, he, kukhona nje, “Tene, Tene, Tekel, Ufarsin,” waloba kuzo zonke izizwe, kuzo zonke izindonga, ndawo zonke. Yonke intando yeningi, yonke imibuso, yonke indawo enye, iyawa. “Wena ulinganisiwe esilinganisweni, wafunywana ulula,” imibuso inakho. Amakhosi ehlulekile. Futhi ondluvu kayiphikiswa behlulekile. Intando yeningi yehlulekile. Amabandla ehlulekile. Izidalwa ezingabantu zehlulekile. Konke kwehlulekile.

“Uthi, ‘Amabandla?’” Yebo, mnumzane.

¹⁵ Okunye kokwehluleka okukhulu kunakho konke emhlabeni yibandla. Kunjalo. Amabandla ehlulekile kalusizi. Konke kwehlulekile. “Kodwa samukela uMbuso ongayikuhluleka; uJesu Kristu.” Angeke wehluleke. Futhi sijabula kakhulu ngalokho, ukuthi akusilo udaba lwebandla. Kuludaba lomuntu ngamunye. Akukhona ukuthi ngabe ibandla lami lisindisiwe yini; ukuthi ngabe ngisindisiwe yini. Akusikho ukuthi ngabe idikoni lami lisindisiwe yini, noma umelusi wami usindisiwe, noma umama wami usindisiwe; ukuthi ngabe ngisindisiwe, noma qha. Mina uqobo, ngifanele ngisindiswe. Khona-ke kufanele ngibatshela. Bese kuthi-ke, uma besindisiwe, kuyamangalisa; uma bengenjalo, kusafanele ngihlale ngisindisiwe. Lokho ngokuthi, kufanele ngithole insindiso yami. O, usuku oluhle kangaka!

¹⁶ Futhi, ngi—ngiyacabanga, nsuku zonke, eduze impela, eculweni lika-Eddie Perronet, ukuthi ithemba lami... Qhabo, kwakungeyena u-Eddie Perronet. Ngiyakhohlwa ukuthi libhalwe ngubani. “Amathemba ami awakhelwe kwiyilutho ngaphandle kweGazi likaJesu nokulunga.” Akulona yini iculo elimnandi lelo na? “Yonke indawo umphefumulo unikeza indlela, futhi Yena uyithemba lami nokuhlala.” Niyabo? “KuKristu, iDwala eliqinile, ngiyama.”

¹⁷ Lapho uDokotela omncane...khohlwa igama lakhe, waye...wayeshumayela aMandla okuvuka kukaKristu, wayephakathi, niyazi, ebandleni elikhulu eliyilo ngegama eNew York City, esikhathini esingesinde esedlule. Nganginakho, ephepheni, lapho okwakusikwe khona. Futhi inhlango yakhe yebandla yayimelene naye yonke. Wayekhohlelwa kokungaphezu kwemvelo, ukuvuka kukaKristu, ukuPhila okuPhakade, umbhaphathizo kaMoya ukunikeza ukuPhila ekholweni ngalinye, nezibonakaliso nezimanga.

¹⁸ Nenhlango yakhe yebandla yayilungiselela ukumkhipha. Futhi wayenaso...Babenesivumelwano sokuqashisa lapho. Wayenangakhetha kukho ukuthi wayengahlala kulelibandla isikhathi eside kangaka, futhi, o, bavele—bavele bazihlalele nje lapho futhi babemuncu endodeni eshumayelayo. Kodwa wagwetshwa ukuthi wayeqinisile. Wayengumuntu ogulayo, naye, wayenakho, futhi wathi...Qhabo, wayengeyena umuntu ogulayo. Ngicela uxolo. Yena—yena wavelo wafa, epulpiti, kodwa wayengeyena umuntu ogulayo. Ngakho-ke yena...Bona, bamenza wadabuka kwaze kwaba sekufeni. Futhi ngakho-ke bavele baba muncu kuye futhi babengemlalele, nakho konke. Wavelo waqhubeka nokushumayela iQiniso. Futhi bathi... .

¹⁹ Bona, babenenkolo nje yenhlaliswano, “O, sihlango ndawonye. Futhi uNkk. Jones, ngapha, ungowalapha, ngakho-ke siyahlangana. Sinamaphathi ethu amancane etiye nakho konke.” Udaba lwenhlaliswano nje, kodwa wayekhohlelwa ukuthi lokho kwakungumbhedo.

²⁰ “Ukuthi, kufanele sihlango futhi sizalwe kabusha.” Futhi bahlekisa ngaye, nayo yonke into, ngenkolo yakhe, yonke into.

²¹ Futhi ngokunye ukusa, esami lapho, ekhala epulpiti, eshumayela ukuthi uJesu Kristu wayengokoqobo, waba nokuhlaselwa yinhliziyiyo. Futhi yena—yena—yena waqala ukuwa, futhi wema emuva *kanjalo*. Futhi abanye babo... Wayenodokotela abathi ababe babili ezethamelini zakhe, ngakho-ke beza bamqokula. Babeka enhliziyweni yakhe lento. Bathi, “Unokuhlaselwa yinhliziyiyo.” Wathi, “Mnumzane, wena u—wena u—wena uyafa.”

Wathi, “Ngabe ngiyafa na?”

Bathi, “Yebo.”

Wathi, “Yiba namabili amadikoni ami athembekile ukuba eze lapha.”

²² Basondele base bamqokula. Futhi bathi, “Manje lenkolo entsha, lento okhuluma ngayo, isho ukuthini kuwe manje na?”

²³ Futhi wathi, “Manje ngidedeleni.” Bamdedela. Waphakamisa izandla zakhe. Wathi, “KuKristu, iDwala eliqinile, ngiyama! Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo!” Futhi njengoba enza, wadiyazela emuva *kanje*.

Kwakukhona isiphambano esilenga ngemva kwakhe. Waphonsa ingalo eyodwa phezu kwesiphambano esisodwa, nenye ngakolunye uhlangothi, *kanjalo*. Wathi, “Yonke eminye imihlabathi yizihlabathi ezibishayo! Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esicwilayo.”

²⁴ Umcabango, “O Nkulunkulu, yileyondlela-ke!” Yilokho-ke. Yilokho-ke, wafa esiphambanweni, niyabo, ngokuba... Yonke eminye imihlabathi izihlabathi ezibishayo. UKristu ungukuphela kwethemba esinalo. Ukholo lwethu alwakhelwe phezu kokuncane.

²⁵ Manje, kulokhu ukusa, bengizongena eNcwadini ya—yamaHeberu, isahluko 7. Kungukuthi ngizwa lobu bufakazi kulokhu ukusa, nezicelo zethu zomkhuleko, ngicabange ukuthi ngizovele ngikuguqule, kusukela ekufundiseni ngo “Melkisedeki engumPristi, uhlelo olwenziwa emva kompristi omkhulu, uhlala engumPristi kuze kube phakade.” Futhi ngibuye ngale eVangelini, noma iZenzo, njalo, futhi ngikhulume, noma ngifundise, kulokhu ukusa, eku*Phulukiseni ngokukaNkulunkulu*, esikhundleni salokho, ngenxa yokuba nabantu abaningi kakhulu o—ogulayo.

²⁶ Ngisanda kuzwa izicelo zabo. Bengihlezi lapho, ngilungisa, ngifunda, ngitadisha ngalokhu lapha isahluko se 6 sa—samaHeberu, lapho uMelkisedeki iNkosi yaseSalema, iNkosi yokuThula, kanjalonjalo. Manje sengiqala ukuzwa konke... Ngimuzwile, uMfowethu Neville, ebuza ukuthi ukhona yini... Ngiyaqala ukuzwa, “Umama wami; ingane yami; okwami *lokhu*; okwami...”

Ngacabanga, “O!”

²⁷ Into ethize yavele yathi, “Buyela emuva eTestamenteni eLisha manje, ngaleya ungene kwenye ye...” Ngase ngiphenya lapha-ke, ngaqala ukufunda. IZenzo, isahluko se 4, yilapho esizoqala khona kulokhu ukusa, ukufunda. Angazi nje ukuthi kungani, kodwa uMoya oNgcwele ufuna mina ukuba—ukuba ngishintshe lokhu, phezulu, ukufundisa ngalokhu. Ngingazi ukuthi ngithini, kusobala, neze, kodwa ukuzithoba kuMoya oNgcwele.

²⁸ Manje, wonke umuntu uzwile ukuthi umhlangano olandelayo uzoba kuphi. Siqala e—eChicago, ePhiladelphian Church, futhi ukusuka lapho ukuya kwelinye ihholo elikhulu. Angazi nje ukuthi kuphi, okwamanje. Siziqala nje. Ngingahle ngibe lapho usuku, futhi ngingaba lapho izinyanga eziyisithupha. Niyabo? Ukuqala nje, futhi uhlale kuze kube yilapho uNkulunkulu ethi, “Lokhu kwanele,” bese kuthi-ke ngithuthela kwenye indawo. Futhi siqala ngosuku lwe 12 lwenyanga ezayo, usuku lwe 12 lukaJanuwari, ePhiladelphian Church eChicago. Futhi-ke siyethemba masinya

ukuba sePhoenix nangaphandle eNtshonalanga, nangakhona, njengoba iNkosi izohlizeka.

²⁹ Futhi ngiwudinga kakhulu umkhuleko, wenu bantu ukuba ningikhulekele. Nami...hhayi okwempilo. Nginokubonga kakhulu futhi ngibonga ngempilo yami enhle, iNkosi engiphe yona. Futhi nginempilo futhi ngingcono, ngiyacabanga, kunengake ngaba yikho, eminyakeni embalwa edlule. Futhi ngibonga uNkulunkulu uSomandla, Lowo Yena yedwa wanginika khona, niyabo. Isizathu, yonke into, bonke abanye, bavele behluleka, futhi bathi angikwazanga ukukwenza, angikwazanga ukufika ngisho nakoMayo. Kodwa ngingalo, kulokhu ukusa, ngomusa kaNkulunkulu, ngokwazi kwami, empilweni ephelele. Ngakho-ke, ngijabule kakhulu ngalokho. Futhi nginika uNkulunkulu lonke udumo nenkazimulo yonke, ngoba asikho esinye isidalwa, akukho okunye, obekungakwenza, ngaphandle kwaKhe. Ngakho-ke ngiyajabula ngakho.

³⁰ Kodwa, ngokomoya, ngi-ngidinga ukuqondiswa ngokomoya. Kubonakala kimi, ngaso sonke isikhathi, ukuthi ngiyisehluleki. Mina—mina nje...into nje engihluphayo, “O, unezaba ezimbi kakhulu.” Awu, lokho, kunjalo, niyabo. Ngi-ngiyakwazi lokho. Kodwa lokho okuncane enginakho, ngifuna ukwenza okungcono kunakho konke engingakwenza ngalokho enginakho. Futhi ngilangazelela ukuholwa okwengeziwe kukaMoya oNgcwele, ukwazi ukuthi ngenzeni, kunjalo.

³¹ Isizathu, emva kokuba usuneminyaka engamashumi amane-nanhlanu ubudala...Isizathu, ngiyabona ngilokhu ngithi, “Ukuguga,” kodwa lokho akusibo ubudala. Angiqondile ukwenza abanye benu bantu, abadala kunami, bazizwe kabi. Lokho ngukuthi...Ngani, nangu uMfowethu Bosworth eminyakeni yakhe engamashumi ayisishiyagalombili, futhi indoda engcono namuhla kunami. Kodwa kungukuthi... Futhi, bukani, uDkt. Ham omdala laphaya, iminyaka eyikhulu ubudala, futhi ungumshumayeli omuhle, nokho. Ngakho-ke ngingende, izindlela ezinde okufanele ngiyihambe, ukuze ngifinyelele kulokho. Futhi ngokungabaza ukuthi ngabe uzovuma yini ukuthi uyikhehla noma qha. Ngakho-ke kungukuthi nje... .

³² Kungukuthi, umbono wakho uwukuthi, ukuthi, isizathu, manje, ngingathanda...Uma ngizoba kunoma yiyiphi inkathi, noma yimuphi unyaka ukuba ngongcono kunakho konke eNkosini, mhlawumbe bekungaba khona manje, niyabo. Isizathu, zonke izinto zezinganyana sezidlulile, futhi uyazenza, uphenduka uba mpunga, futhi, uyazi, nje yisikhathi sempilo lapho kufanele ngempela ugxiliswe okwehange futhi uqine ngokwanele okwamanje, futhi ngokusemandleni akho adlula konke; kwancipha, ingxenye yenganyana, futhi ubufana kuyashaywa, ngesikhathi nje sokungena ensimini. Futhi uma mhlawumbe ngizoke ngazi noma yini enginayo,

kufanele ngikwazi manje. Futhi ngibonga kakhulu ngalokho Angikhombise khona emaVangelini aKhe, nokuthi ngijabula kanjani ngalokho.

³³ Kodwa ngi—ngi, nokho, nje ngi—nje angikwazi nje ukuzenelisa, ngandlela thize. Ngi—nje ngi, okuthize, ngilambele uNkulunkulu. Ngi...Kukhona nje okuthile obekufanele ngabe ngiyakwenza, kubukeka sengathi, futhi angikwazi nje ukukwenza kahle, ngandlela thize. Nje...Kwakulapha, eminyakeni edlule, ngangivame ukunitshela, ngangikwazi nje ukufinyelela kokuthize futhi ngicishe ngikuthinte, niyabo. Kubukeka nje kimi sengathi kukhona enye into phandle lapho, ngicishe nje ngithinte ndawo ndawo. Ukuba nje bengingafinyelela kuleyondawana, futhi nje...lokho—lokho bekungaba kahle.

³⁴ Manje, ngabuzwa ngenwadi uMnu. Church ayibhala, noma lezozinto phakathi lapho. Futhi, o, abaningi kade beshaya ucingo, bebuza ukuthi bengizosho noma yini ngakho, nakho konke. Qhabo, angisho lutho ngakho. Kushiye phansi nje, uyabo.

³⁵ Lalelani, mhlawumbe ngizobe ngishumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngenkathi uMnu. Church engcwatshwa. Ngakho-ke manje, niyabo, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu...Ngenkathi mina noMnu. Church, sobabili, silele emathuneni ethu, IBhayibheli likaNkulunkulu lisazobe lishunyayelwa, lifundisa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, futhi abantu bazobe bekwenza. Ngakho-ke, akwenzi mehluko. Yilokho...kubi kakhulu ukuthi thina bashumayeli baseMelika awunakho okwanele ukwenza kodwa ukuvele uzungeze futhi niphikisane nodwa, ususe ukuqophisana, ukugovuzwa into ethize, niyabo. Lapho, iZwi likaNkulunkulu limemezela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Futhi bakwenzile, kusukela eminyakeni yonke indlela nya, futhi kuyoba njalo ngaleyondlela.

³⁶ Futhi mayelana nokukholwa iZwi liphefumulelwe, Ngikholwa ukuthi konke okuncinyanyana kuleloBhayibheli kuphefumulelwe. Akukho nokukodwa kwaLo...

³⁷ Ake ngidlulise into encane kuwe lapha sisacabanga ngakho. Niyazi ukuthi yini eyenza amaProtestane aphenduke iKatolika na? Kungenxa yokuthi amaKatolika akholwa ukuthi leliZwi liphefumulelwe. UmProtestane ukholelwa ukuthi ezinye izingxenye zaLo ziphefumulelwe. Ingxenye afuna Iphefumulelwe, "Iphefumulelwe; konke okwaLo akuphefumulelwe." Uma Lishaya imfundiso yakhe, "ALiphefumulelwe." Niyabo, lelo yiProtestane.

³⁸ IKatolika lisho, ukuthi, "Lonke liphefumulelwe, konke nokuncinyane kwaLo, kodwa ibandla labo lingaphezu kweZwi. Ngakho-ke, kwenza noma yikuphi okwehlukile lokho iZwi

elikushoyo, yibandla.” Ngakho-ke, angikwazanga ngenxa kanembeza ukuba umKatolika.

³⁹ Akukho okuphambene nabantu abayiKatolika. Bangabangane bami. Futhi uma bekholwa eNkosini uJesu Kristu, bangabazalwane bami, futhi baMemukele njengoMsindisi womuntu siqu.

⁴⁰ Manje, amabandla yilokho engikushoyo. Bengingase... Angivumelani nemfundiso yeKatolika. Ngangingeke ngibe yiKatolika ngaleyondlela, ibandla eliRoma Katolika, ngoba, bona, “Ukungabi naphutha kukapapa; nebandla phezu kweZwi; nebandla lingaphezu kweBhayibheli.” Angikwazanga ukwenza lokho.

⁴¹ Angeke ngonembeza ngibe yiProtestane, ngoba angikwazi ukuthatha ingxenye yeZwi bese ngithi, “Ingxenye yaLo iphefumulelwe, futhi *le* ngxenye iphefumulelwe; *lokhu* kwakusho okunye okuthile, *nalokhu*.”

⁴² Ngingumkhonzi weBhayibheli. Ngikholwa ukuthi lelo yiZwi likaNkulunkulu. Akukho lutho phezu kwaLo, akusoze kwaba khona. Futhi inqobo nje uma lisekhona iPhakade, Lisayolokhu liyiZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Ngikholwa ukuthi kunjalo. Manje, ngi... .

⁴³ Kungase kube khona izinto engingaziqondi. Mhlawumbe izinto engingeke ngikwazi ukuzifeza, ngokukholwa kwami okuncane okubuthakathaka enginakho. Mhlawumbe angikwazi ukukufeza, kodwa kuseyiQiniso. YiZwi likaNkulunkulu. YiZwi likaNkulunkulu. Kungakhathaleki ukuthi noma ubani omunye uthini, ngiyaLikhola ukuthi liyiZwi likaNkulunkulu.

⁴⁴ Futhi ngikholwa ukuthi phakathi Lapho yi—yiMbewu. *Lona* ubhasikidi ogcwele iziMbewu. Futhi ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele uthatha leyoMbewu bese uyihlwanyela ezinhliziyweni zethu, *kanjalo*. Anikukholwa lokho na? Futhi siba ngabantwana baKhe.

⁴⁵ Ngakho, ngakho-ke, ngifanele ngikholwe. Uma kukhona iZwi elilodwa elingaphefumulelwe, khona-ke bengingeke ngiyethembe iNcwadi. Angikwazanga ukuYikhola, ngoba, uma *Lengxenye* ingaphefumulelwe.

⁴⁶ UMnu. Church wathi, “Izingxenye ezithile zeBhayibheli aziphefumulelwe, njengoMarku 16, nokunye nokunye.” Uthi, “Akuphefumulelwe.”

⁴⁷ Ngani, ngahlangana nabangane bakhe abangabefundisi beMethodisti, khona eNew Albany, futhi abavumelananga naye, ngamamayela ayizigidi eziyikhulu. Bathi a “bakwazanga ukudla lokho ngale kokugula.” Nomshumayeli wePresbyterian emi lapho, wathi, “Awu, mfowethu, A—angazi ukuthi yini indaba ngendoda.” Niyabo? Manje, wathi, “Awu, manje bheka, yena... .”

48 Ngathi, “Yilokho okwenza amaKatolika. Yilokho okwenza amaProtestane lokho ayikho, isigejane esibuthakathaka salutho.” Niyabo? Ngathi, “Yilokho okuyikho, ngoba abanamathemba. Abakwazi ukwakha amathemba abo kuleliBhayibheli, ngoba, ‘Ingxenye yaLo iphefumulelwe; ingxenye yaLo ayinjalo.’”

49 Manje-ke, akumangalisi ukuthi lowo kaMohamede . . . UDkt. Reidhead, ngenkathi emi lapho, futhi wabuza okaMohamede ukuthi kungani engazange ayamukele iNkosi uJesu evusiwe. Wathi, “Awu,” wathi, “ake nginibone nina bafundisi nenza iZwi lenu lifezeke, lokho uJesu wenu athi kuyokwenziwa.”

50 Wathi, “O, ubhekisela kuMarku 16.” Wathi, “Lokho akuphefumulelwe.”

51 Wathi, “Hlobo luni lweNcwadi oyifundayo na?” Wathi, “IKorani yethu, yonke ingxenye yeKorani yethu iphefumulelwe.” Lelo yiBhayibheli likaMohamede. Wathi, “Liphefumulelwe. Sikholwa wonke amazwi akho. Futhi yonke into uMohamede ayithembisa, singayenza isho kanjalo.” Kunjalo. Wathi, “Manje nina—nina bantu nenza leliBhayibheli lisho njalo.” Wathi, “Manje, uma Lingaphefumulelwe, khona-ke awunalutho.” Niyabo? Nakho lapho ukhona. Wathi, “Awunayo into kodwa ulwazi lwengqondo oluncane engqondweni yakho.” Awu, indoda iqinisile impela. Makube ngumhedeni, makube ngumhedeni lapho; uqinisile impela.

52 Kodwa ngithi Liphefumulelwe, futhi lonke iZwi laLo liyiQiniso. Lonke iZwi laLo liyiQiniso.

53 Futhi ake nginibonise okuthize. UJesu Kristu wathi, ngenkathi Ebhala isahluko sokugcina kuleliBhayibheli, Wathi, “Oyokwenezela kulo, noma akhiphe kuleliZwi, okufanayo kuyosuswa eNcwadini yokuPhila.” Ngabe kunjalo na? “Onezela kuLo, noma osusa kuLo.”

54 Ngakho-ke ngiyakholwa, ngenhliziyo yami yonke, ukuthi kusuka “Ekuqaleni” kukaGenesise, kuye ku “Amen” eSambulweni, kuphefumulelwe nguNkulunkulu. Kuyiqiniso ngakho konke. Akukho nelilodwa iZwi laKho elinephutha. Konke kuliQiniso. Ngikholwa lonke iZwi laLo. Angifuni ukususa, noma ukwengeza noma yikuphi. Ungabe usadinga okunye; ngidinga Lokho nje. Futhi yiLokho nje engikudingayo.

55 Ucabangani ngalokho, Gene na? Ucabanga ukuthi lokho kumayelana neQiniso? Ngikholwa ukuthi KuyiQiniso, lonke iZwi laLo, ngakho-ke nje siyaLikhholwa ngaleyondlela.

56 Manje, uma uthola amadoda anombono oyingcingo, eMelika. Bukani lapha, bangane, lapho esiphikisana khona ngokuba yiMethodisti, noma iBaptisti, noma iPentecostal, nasebufakazini, nazo zonke lezi ezinye izinto. Izinkulungwane ziphindwe ngezinkulungwane, nsuku zonke, ziyafa, ezingakaze zizwe ngoJesu Kristu. Kunjalo. Cishe

abantu abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane bayafa nsuku zonke, bengaphendukile. Futhi siyaphikisana ngokuthi ngabe ufanele ukhulume ngezilimi, noma ngabe ufanele umemeze, noma ngabe ufanele ube ngoweMethodisti, noma iBaptisti, noma ibandla lePentecostal, izinto ezincane ezindala. Nathi thina bashumayeli, sivilapha, silele ngapha, singenzi lutho, sizungeze yonke iMelika, sishumayela kubantu osekushunyayelwe kubo, siphinda siphinda siphinda. Kufana nokukamisisa, nokukamisisa, nokukamisisa. Yilokho-ke. Nezigidi kwelinye izwe!

⁵⁷ Futhi uJesu, wona kanye umyalo wokugcina Awunika, kwaba ngokuthi, “Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumaye leliVangeli kukho konke okudaliweyo.” Uyabona-ke, mngane, ukuthi kungani ngingakwazi ukuhlala ekhaya na? Kunento ethile nje kimi, engidwengula ngibe yizicucu. Ngi—ngiyaqonda ukuthi kukhona okumele kwenziwe, mfowethu, dadewethu. Thina...A—Angikwazi ukukwenza, mina ngokwami. Futhi a—angazi ukuthi yini . . .

⁵⁸ Ngiyayibona lemiphakathi yobuthunywa bezenkolo, nokuthi igoqeka kanjani futhi yehluleke, nakho konke okunye, laphaya, ngoba banento engalungile abahamba nayo. Laphaya, ngemfundiso yezenkolo. Awu, labobantu bayakuhleka lokho. Awukwazi ukuya ngaleya ngesayense yezenkolo. Abazikholwa ngisho lezo zinto. Ufanele ubakhombise ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu. Kunjalo.

⁵⁹ Futhi yini umuntu angayenza na? Angazi. Kodwa ngiyazi, ngolunye lwalezi zinsuku, konke kuzophela, necilongo leNkosi liyakukhala, futhi lithi, “Isikhathi asisayikubabikho.”

⁶⁰ Ngicabanga ngesikhathi uDanilyeli emi lapho osebeni ngalolosuku, futhi wawubona lowombono. NeNgelosi yehla, yembethe ilanga, uthingo lwenkosazana phezu kwekhanda laYo. Wabeka olunye, emhlabeni, yabeka unyawo olulodwa phezu komhlaba, nolunye phezu kolwandle; futhi waphakamisa isandla saKhe, futhi wafunga ngaYe ophilayo kuze kube phakade naphakade, ukuthi, “Isikhathi asisayi kubabikho.” Niyabo? Mm! Ngi—ngi . . . Lokho kuzofanele kwenzeke, ngolunye lwalezi zinsuku. Lonke iZwi laLo lizoba njengoba Asho ukuthi Lalinjalo.

⁶¹ Ngakho-ke, khona-ke, bese kuthi-ke yini engizoyenza khona-ke na? Yini ozoyenza khona-ke? Niyabo? Unecala, njengoba nami nginecala. Sonke sinecala. Sinecala ngokufa kukaJesu Kristu, ngamunye wethu, size siMamukele njengoMsindisi wethu siqu, bese-ke siMsebenzela ngenhliziyo yethu yonke. Uma uNkulunkulu esinike okuthile ukuba sikwenze, siyehluleka ukukwenza, khona-ke uNkulunkulu uyokudinga ekupheleni kosuku.

⁶² O! Ngakho-ke, Nkulunkulu, ngiphe ukukholwa, ngiphe—ngiphe isibindi. Ngikhuthaze!

⁶³ Ngiba lula kakhulu ukuba ngidikibale, niyabo, ngoba ngibona izinto futhi ayilungile, futhi a—angikwazi ukukuqondisa. Asikho isidingo sokuthi ngizame ukukwenza. Asikho nje isidingo. Njengokuqophisana naloya mfowethu ngencwadi yakhe. Awutholi lutho ngokuqophisana.

⁶⁴ Lapha kungekudala, u-A. B. Neums . . . Niyamazi; indoda efe ngeviki eledlule. Wayehamba phezu kwami, engihhalela nje phezu kwamalahle nezinto, mayelana nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Manje, uMfowethu Neums uyindoda elungile; Ngethemba eNkazimulweni, namhlanje, nabanye abangcwele bakaNkulunkulu, bememeza ukunqoba.

⁶⁵ Manje, yisiphi isimo sengqondo asithatha ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, angikhathali noma wonke umshumayeli, upapa, nakho konke okunye, bekungaphakama futhi kulahle ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, kusasa ngizobe ngishumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Kulungile. Niyabo? Ngoba kungani na? KuseZwini. YiZwi likaNkulunkulu. Yilokho uNkulunkulu akusho. Akunjalo . . . Ngenesibopho salokho uNkulunkulu akusho. Futhi ngenesibopho, njengomfundisi, ukushumayela lokho uNkulunkulu akusho, futhi ngiKubize ngeQiniso.

⁶⁶ Bengizowela ukuyolanda uMfowethu Boze. Ngavula umsakazo. Ngiyathanda ukuzwa uMfowethu Neums; ungumshumayeli omuhle. Futhi ngaya ngale ukuyomuzwa. Futhi endleleni eya ngale, o, he, wayehhala ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, njengokushisekela ngokweqile, nodeveli nakho konke okunye. Futhi wathi, “Ukwenza isibonelo, izelami zakwaBosworth.” Wathi, “Ngenkathi ngangi . . . bona . . . nganginabo ngenkathi babesesimweni esihle esizedlula zonke, ngenkathi babeseyizinsizwa, bobabili nje izinganyana.” Futhi wathi, “Bafa bobabili, lutho ngaphandle kwabafana.” Wathi, “Uma bekungabakhona noma yini yokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, kuthiwani ngalokho na?”

Ngacabanga, “O, Mfowethu Neums! He!”

⁶⁷ Wathi, “U-Aimee McPherson wafa, lutho ngaphandle kwentombazane, niyabo, inganyana encane nje.” Futhi u-Aimee wayeyisalukazi lapho efa.

⁶⁸ Ngakho-ke ngacabanga, “O, he.” Awu, ngaqhubeka ngaphuma, futhi ngacabanga, “Ngiyazi ukuthi wenze iphutha elinjalo.” Ngakho-ke ngaphuma ngaya e—e—endaweni yendiza laphaya, futhi nga—ngangena. Ngambiza. Ngathi, “Mfowethu Neums?”

Wathi, “Yebo.”

Ngathi, “Lona nguMfowethu Branham.”

Wathi, “Ufunani?”

⁶⁹ Futhi ngathi, “Mfowethu Neums, wenze iphutha elincane kulokhu ukusa, lokho kuzokulimaza, uma ungabheki, mfowethu. Ngikholwa ukuthi ubungangenzelela into efanayo. Kodwa ukhulumile futhi wathi, ‘Izelamani zakwaBosworth zafa ngenkathi zombili ziseyizinganyana.’”

Wathi, “Zakwenza.”

⁷⁰ Ngathi, “Mfowethu Neums, uB. B. useDetroit manje, ephethe u—umhlango. Futhi u F. F., Fred Bosworth, ungumphathi wami.” Futhi ngathi, “Cishe uneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. UseMiami, ngaleso sikhathi.” Futhi ngathi, “Mfowethu Neums, eminyakeni emibili edlule, saba nemvuselelo khona lapha eLouisville, ndawonye, lapho izinkulungwane zabantu zeza futhi zalalela uMfowethu Bosworth.” Futhi ngathi, “Isithombe sakhe siphumela ezinkulungwaneni zabantu, ukuzungeza izwe lapha, nakho konke, izihloko zakhe nezinto.” Ngathi, “Uyaphila namuhla, futhi unempilo engcono kakhulu.” Ngathi, “Indoda enamandla lapha, cishe isineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, isashumayela iVangeli; isanda kubuya e-Afrika, kanye nami.” Ngathi, “Lelo yiqiniso.”

⁷¹ Ngathi, “Mfowethu Neums,” Ngathi, “Ngikholwa ukuthi ubungena into efanayo kimi.” Ngathi, “Awu, u—unomlayezo omkhulu wemvuselelo lapha emsakazweni, nokunye nokunye. Unakho...U—unayo yonke i...futhi abantu abaningi abakulalele. Futhi, Mfowethu Neums, uma bethola... Futhi bayazi ukuthi, izinkulungwane zabantu zikulalele, zazi uBosworth, khona manje.” Ngathi, “Wena wenza inkulumo mbiko enjengaleyo, kuzolimaza inkonzo yakho, futhi singabazalwane. Akufanele ukwenze lokho.”

Wathi, “Ngizokuqondisa.”

⁷² Manje, niyabo, asikho isidingo sokulwa. UNkulunkulu unakekela zonke izinto, niyabo. Ungakwenzi. Uthando nje. Buyiselani okuhle ngokubi, ngaso sonke isikhathi. Ngabe kunjalo na? Uma noma ubani ekhuluma okuhle ngawe; awu, bongu. Uma noma ubani ekhuluma kabi ngawe; babusise noma kanjani. Impela. Kunjalo. Makuthi... UNkulunkulu unakekela konke okunye. NguYe. Akunjalo na? NguYe. Ngakho-ke, ngemva kwakho konke, sonke sizofanele siphendule kuYe.

⁷³ Futhi kungakhathaleki ukuthi kuyini, uma isitha sakho esikhulu... Uma unanoma yimuphi umuzwa nganoma ngayiphi indlela, futhi isitha esikhulu kunazo zonke onaso, osaziyo ukuthi besizoya endaweni efana nesihogo, bekungakwenza uzizwe kabi.

⁷⁴ Angazi ngomuntu, angazi... angikwazi ukucabanga ngomuntu ophansi kunabo bonke ezweni, namuhla, ukuthi kwakunguStalin phezulu lapho, noma ngabe

kwakungubani, Ngingazonda ukwazi ukuthi umuntu ubehlupheka ekuhlushweni kwasesihogweni kulokhukusa. Ngiyakuzonda ukukwazi. Bengingakuzonda ngengempela. Ngiyakhuleka uNkulunkulu abe nomusa phezu komphefumulo wakhe olahlekile, lapho efa, niyabo, ukuthi uNkulunkulu akayikumyeka ahlupheke kanjalo, . . . ? . . . Cabanga ngomuntu ekuhlushweni kwasesihogweni, lokho iBhayibheli elikufanekisayo lapha kongakholwayo. Cabanga nje, isidalwa esingumuntu, ngani, mina . . . Bekungenza inhliziyoyetshe ukufuna indoda iye endaweni enjalo. Ngiyokwenza konke engingakwenza ukumvimba kukho. Bengingakwenza impela. Futhi ngimdabukele, ekujuleni kwenhliziyoyami, uma eya endaweni enjengaleyo.

⁷⁵ Manje, ungabona umfowethu enza okungalungile, futhi—futhi azame ukumqondisa, kepha uma engalaleli, khona-ke into kuphela okumelwe yenziwe ngukumthanda, noma kanjani, futhi umkhulekele. Akunjalo lokho na?

⁷⁶ Manje, bangaki abamthanda ngenhliziyoyenu yonke na? Ngenhliziyoyakho yonke, thanda nje inkosi. Lokho kuhle nje. Manje gcina lokho. Gcina lokho nje. Futhi nje ufuna ukumthanda kakhulu.

⁷⁷ Manje, kulokhu ukusa, eZwini elidala elibusisiwe lapha! O, kuyinto enhle kakhulu, ukufunda leli—leliTestamente eLisha, iTestamente eLidala, noma yiliphi laLo. Kodwa, isahluko se 4 seZenzo, kulokhu ukusa, lapho siqala khona ukubuka ngaphambili kancane manje. Sibuyela emuva. Lokhu kungesikhathi lapho ibandla lalisanda nje kuvuselelwa. Futhi lesi yisikhathi esithanda ukukhuluma ngaso.

⁷⁸ Manje, omunye, ungangivumeli ngikhulume isikhathi eside kakhulu. Nginenkonzoyomngcwabonokushesha ngqo ngemva kwenkonzo lapha, eCoots' Chapel, namhlanje ntambama ngehora lesibili nqo, uMnu. Underwood. Futhi kusasa ntambama, uMnu. Tinsley, umakhelwane wethu lapha, ushone izolo. Futhi ngakho-ke, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu ubudala, futhi ngakho-ke nginomngcwabowakhe kusasa.

⁷⁹ Ngisanda kucela uDadewethu uGertie ukuthi uzongizela yini nehobo, ukuzodlala elilodwa, ngoba angicabangi ukuthi banalo ngisho iculo kumbe noma yini yalentambama, abantu, ngiqagele. Futhi ngizocela uDadewethu Gertie uma engeza azongidlalela, kulentambama. Mhlawumbe singakulungiselelwa ikusasa, ngomngcwabokaMnu. Tinsley.

⁸⁰ Manje, onyakeni wasekuqaleni webandla lapha, leliqembu lokuqala labantu, babenakho konke . . .

⁸¹ U-Israyeli wayekade ethi ukushaywa phansi, iminyaka neminyaka, kodwa manje kwase kufike endaweni lapho uMesiya ayefike khona futhi wabanika ithemba, kuleNkosi

uJesu. Kodwa, ekuqaleni, Washushiswa, kwahlekiswa ngaye, wakhafulelwa, ebizwa ngo “mgingqiki ongcwele,” konke, noma “oshisekela ngokweqile, uBelzebule, udeveli,” nakho konke okunye. Kodwa Wayenenhloso eyodwa, futhi lokho kwakungukwenza intando kaNkulunkulu. Futhi kungakhathaleki ukuthi bangaki abantu ababemelene naYe, noma kunjalo Weza ukuze iZwi likaNkulunkulu ligewaliseke. Ngabe kunjalo na? Niyabo?

⁸² Manje bheka izifundiswa nabafundisi bangalolo suku. Ngani, babeyizifundiswa ngaphezu kwanoma yini ebesingayikhiqiza namhlanje, mayelana nemfundo ephakeme. Futhi, mayelana nobungcwele, ngani, bebengenza ibandla lobungcwele namuhla lizizwe linamahloni ngabo, nxa sekuza ebungcweleni. Kwakufanele ngempela baphile engcwele. Baphila impilo ehlukeni, yobungcwele. Njengabapristi beRoma eliKatolika, namhlanje, abafani neze nabo, ngoba bangaphandle ezifundeni. Kodwa zonke lezi zazifanele zibe sendaweni eyodwa, khona lapho ethempelini; izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zazo phakathi lapho, zehlukanisiwe, zingcwelisiwe, njengeVatican City nje.

⁸³ Futhi babeyizifundiswa zomBhalo. Babefanele bakwazi konke, uhlamvu ngohlamvu nje, ngohlamvu. Futhi babephelele kakhulu ngakho, ngisho ukugoba ohlamvini lwalungenza umehluko ophelele kuyo yonke into. Kwakufanele ba “ngathinti, bangabambi.” Futhi ngisho noma ngabe babe... Kwakufanele babe... IBhayibheli lathi, “Batholwa bengenacala.” Manje, lokho kungukukwazi ngempela, akunjalo na?

⁸⁴ Bonke, futhi, nokho, begxilise amakhanda abo entweni eyodwa eqinile ababeyifundisiwe, futhi bengathandi ukuguguguka eVangelini, onke aMandla kaNkulunkulu, behluleka ukuyiqonda iNkosi uJesu Kristu. Nakho la Ayekhona, nomBhalo wonke wakhuluma ngaYe eza, kodwa behluleka ukukuqonda ngoba benesayense yabo yezenkolo. “Siyibandla! Futhi uma kuza okuthile, kuza ngathi. Futhi sibusa amazwe nenkolo. Futhi siyilokhu, futhi siyilokho.” Isithombe esihle kakhulu sobuKatolika namuhla. Niyabo? “Sinakho konke ngaphansi kwesimo sethu.”

⁸⁵ Base-ke behlukana baba izimfundiso-ze ezincane, njengabaFarisi, abaSadusi, ezehlukene. AbaFarisi babekhohlelwa kumoya, neNgelosi, uvuko. AbaSadusi babengakhohlelwa eziNgelosini, emoyeni, noma uvuko. Futhi babenalo lonke uhlobo lo—loqhekeko olwehlukene phakathi kwabo, njengoba nje sinalo namhlanje, into efanayo.

⁸⁶ Futhi nansi indoda eyasukuma, yathi, “Singumuntu omkhulu.” Enye yasukuma, njengoJesu, yathatha amadoda angamakhulu amane aphumela ehlane; babhubha bonke. Kwase kuthi-ke kwasukuma abanye, bethi babengabantu abakhulu,

futhi yabaholela ohlotsheni oluthile lwezinkolelo-ze ezincane, kanjalonjalo.

⁸⁷ Futhi khona ngqo phakathi kwaso sonke lesosikhathi, okwangempela, into yangokoqobo kaNkulunkulu kweza emhlabeni; into yangempela. O, he! Lokho bekuyosiqalisa ukujabula ngaso leso sikhathi. Yena uyafika, engenazo izinkoleloze, engavumelani nezinkoleloze, engavumelani nebandla; kodwa ukwenza into eyodwa, intando kaNkulunkulu ephelele eyalotshwa eBhayibhelini. Kunjalo. WayenowaKhe... Wayekwazi lokho uBaba ayekushilo. Wayewazi umBhalo, ngokuphefumulelwa. Ngakho-ke Wahhala, kungakhathaleki ukuthi babethini.

⁸⁸ Wathi, “Ngani, nina bazenzisi!” Wathi, “Nenza amasiko enu abophe kakhulu, nokunye nokunye kanjalo. Futhi nina, ngamasiko enu, nenza iZwi likaNkulunkulu libe yize.” Niyabo?

⁸⁹ O, ukuthi Wakubeka kanjani edwaleni lokuqophela, konke nokunci kwakho, mfowethu. Waqhubeka ngqo, kungekho lokho okuguqukayo. O, ngiyayithanda indlela yaKhe yokungesabi, aninjalo nina na? Akukaze kube nesikhathi lapho Ake acasuka khona kancanyana. Wayazi ukuthi Wahamba ngokuphelele entandweni kaNkulunkulu.

⁹⁰ Lapho iziphewo zidlanga, isikebhe esidala esincane sesilungele ukucwila; Waphuma ephole ngakho konke Ayengaba yikho, wabeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yesikebhe. Futhi wabheka phezulu, wathi, “Ukuthula,” kuBaba, “Ukuthula.” Wabheka phezu kolwandle, wathi, “Thula.” Wabuyela emuva wase ecambalala. Amagagasi nawo ayezolile. KwakunguYe lowo. Engesabi neze. Engaxhuxhumi neze. Engaqophisani neze.

⁹¹ Bathi, “O, siyamazi ukuthi Ungubani, uBelzabule. Siyazi ukuthi ukwenza lokhu ngenkosi yodeveli.”

⁹² Wathi, “Uma uSathane ekhipha uSathane, khona-ke umbuso wakhe uhlukene phakathi. Uma Mina, ngomunwe kaNkulunkulu, ngikhipha odeveli, abantwana benu babakhipha ngobani na? Wena yiba ngumahluleli.” Epholile nje njengoba Engaba njalo. Neze...Ngani, ukukholwa kwakuwumuzwa omncane nje kuYe. Wavele wahamba waqhubeka, ngoba Wayazi ukuthi Wayenza ngokuphelele intando kaNkulunkulu.

⁹³ Ngenkathi Ephulukisa abagulayo, lathini iBhayibheli, isizathu sokuthi Waphulukisa abagulayo na? “Waphulukisa abagulayo, ukuze kugcwaliseke.” Kungani na? Niyabo? Kungani na? Kulula ukukholwa noma yini uNkulunkulu ayishoyo.

⁹⁴ Uma uNkulunkulu ethi, “Kusasa, ukuthi, kuzoshisa kakhulu, ukuthi wonke umuntu angahamba ayobhukuda,” bekungeke kube nzima kimina ukulungiselela isudi yokubhukuda. Ukuba Wathi, “Lizothulula imvula kusasa, usuku lonke gulukunqu,” kulula kimi ukuthatha isambulela

kanye nami. Ngabe kunjalo na? Uma uNkulunkulu ethi, “Kuzoba inkathi yonyaka enhle ngonyaka ozayo, ukuthi zonke izitshalo zizokhula, yonke indawo,” Ngingavele ngitshale noma yini, ngokwethemba okuhle. Niyabo? Ngabe kunjalo na? UNkulunkulu uthi Uzosinika umhlangano omkhulu kulobubusuku; bengi—ngingafika ngingenayo ngisho nendikimba engqondweni yami. Yena uzokwenza, noma kanjani. Ngabe kunjalo na? UNkulunkulu washo njalo! Lokho kuyakuzazulula.

⁹⁵ Uma ugula, usucishe ulungele ukufa, futhi uNkulunkulu wathi, “NgiyiNkosi eKuphilisayo.” Lokho akukuzamazamisi nakancane; vele uqhubeke nje. UNkulunkulu washo njalo! Niyabo? Lokho yilolokholo nje olungezwa lutho, njengokuthi, niyabo. Qhubeka nje ngqo, ukholwa yikho. UNkulunkulu washo njalo, futhi lokho nje kuyakuzazulula.

⁹⁶ Awu, kwakulula kuJesu, ngoba Wayemazi “uza onyakeni owamukelekayo,” ukwenza into kaNkulunkulu, nokushumayela iZwi likaNkulunkulu, nokwenza izibonakaliso zikaNkulunkulu, nokugcwalisa lokho uNkulunkulu athi kuyofezeka. Awu, kungani ibandla, namuhla, lingenakucabanga into efanayo, wona impela amaZwi uJesu awasho! Niyabo?

⁹⁷ Ngoba, thina, abanye, siyabuya futhi sithi, “O, izinsuku zezimangaliso selwedule. Udumo kuNkulunkulu. *Le* ngenye ayiphefumulelwe. *Leyo* injalo, kodwa *Leyo* ayiphefumulelwe, ngoba lezo zinto ngeke zenzeke namuhla.” Niyabo? Yingakho singakwazi ukuqhubekele phambili.

⁹⁸ O, uma uMzimba owodwa omkhulu kaKristu ubungavuka othandweni, nezinhlonipho, niyabo, futhi uqhubeke ngqo, njengenhliziyoye eyodwa nganhliziyonye, bengazi ngokholo olubazungezile! Mfowethu, ubuyobona ibandla emhlabeni ebeliyo. . . Isikhathi seminyaka eyiNkulungwane siyongena khona lapho. Sona siyeza. Sona siyeza. O, yebo. Futhi ngomusa kaNkulunkulu sizokubona. Ngizoba lapho ngqo. Kunjalo. UNkulunkulu ukuthembisile. NgiyaMkholwa, ngakho-ke ngizoba lapho ngqo lapho kwenzeka.

⁹⁹ Manje, manje, kwephula inhliziyoye yabafundi ngenkathi bazi ukuthi Wayehamba. Wathi, “Ngizohamba. Kuseyisikhhashana, nezwe lingabe lisaNgibona,” Washo.

¹⁰⁰ Bathi, “Ukhulumani Yena na? UnguMuntu onzima kakhulu ukumqonda.” Akekho owayeMqonda. Ngani, bebengasho. . . Wathi kubafowabo. . .

Abafowabo bathi, “Ake sikhuphukele emkhosini.”

Wathi, “Angikhuphuki.”

¹⁰¹ Lapho sebehambile, Wathi, “Ngikhuphuka ngenye indlela. Angikhuphuki kanye nabo.” Isizathu, abafowabo abakhohlwanga ngisho nakuYe. Kunjalo. Abantu baKhe uqobo abakhohlwanga

kuYe. Wathi, “Ngikhuphuka ngenye indlela.” Ngani, bamangala ukuthi kanjani.

¹⁰² Futhi wathi, “LoMuntu ukhuluma ngemfumbe. Asikwazi ukuqonda.”

¹⁰³ Ngapha esahlukweni se 17, wathi, “Bheka . . .” Ngaphambi nje kokuba Ahambe aye eNkazimulweni, wathi, “Bheka, manje Wena usukhuluma ngokusobala, futhi hhayi ngemfumbe, noma ngezaga, njalonjalo.”

¹⁰⁴ Niyabo, bayothi, “Manje Washo *lokhu* na?” UNikodemu, lapho ekhuluma naYe, wathi, “Umuntu angazalwa kanjani ngokusha?” Wathi, “‘Uma umuntu engazalwa ngamanzi,’ zonke lezi zinto, zingenzeka kanjani na?” Abazange baqonde. Wathi, “LowoMuntu ukhuluma ngokuyimfihlo.” Akekho owayeLiqonda. Ngisho nomama waKhe uqobo akazange aMqonde.

¹⁰⁵ WayenguMuntu olukhuni ukumqonda, ngoba WayengokaNkulunkulu, nomqondo wabo wawungowezwe. Ngakho-ke, Wakwenza kwehluka ngokuphelele, khona-ke. Umqondo wezwe ngokumelene no—u—ukuphefumulela kukaNkulunkulu, ngani, kuwubuwula. Kodwa into emangazayo, ukuthi Wayenamandla okwenza lokho Athi Uyokwenza. Kwafika lapho-ke. Futhi Wayengenza izinto abanye abantu ababengakwazi ukuzenza.

¹⁰⁶ Ngakho-ke Wathi, “Manje kuseyisikhashana, nezwe ngeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina.” Manje lalelani lokhu, “Nokho niyoNgibona nina.” U “nina,” Wayekhuluma nobani na? Amakholwa. Ngabe kunjalo na? Wathi, “NiyNgibona nina. Ngokuba Ngi,” hhayi omunye umuntu, “ngokuba Ngiyoba nani, nakini, kuze . . .” “Ukuphela kwabaphostoli”? [Qhabo.] Kuze kube kade kangakanani na? “. . . ukuphela kwezwe.” Kuyo yonke indlela, “UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.”

¹⁰⁷ Manje, “Ngiyahamba. Ngizokhuleka kuBaba; Uzoninika omunye umduduzi, onguMoya oNgcwele.” “Ngi,” isabizwana somuntu, okwakungumzimba. “Ngiyahamba. Ngiyakhuleka kuBaba, ngaphambi kokuba Ngihambe; uBaba ukiMi. Futhi Uzonithumelela omunye umduduzi, onguMoya oNgcwele. UsekiMi manje. Lapho Efika, Uyosola izwe ngesono. Futhi zona impela izinto ezifanayo eNgizenzayo, nani niyozenza. Manje, Ngifuna nihambe niye ezweni lonke futhi nishumayeke iVangeli kukho konke okudaliweyo.”

¹⁰⁸ IVangeli liwukubonakaliswa kwaMandla kaNkulunkulu. Niyabo? Elilodwa iVang- . . . UPawulu wathi, “IVangeli alifiki ngezwi kuphela, kodwa ngamandla nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele.”

¹⁰⁹ “Manje hambani niye ezweni lonke nishumayeke ivangeli. Bheka, Nginani njalo, na . . .” “Kuze kube sekupheleni kwabaphostoli”? Qhabo. Ngiqonde, “. . . kuze

kube sekupheleni—pheleni kwezwe.” “Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona. BazoLigxeka, bahlekise ngaLo, njengoba nje benza manje,” Washo. “Kodwa nina, ikholwa, niyoNgibona; ngokuba Ngizoba nani, nakini, yonke indlela kuye ekupheleni kwezwe.” Ngingathanda ukubona umuntu othile esusa lokho? “UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.” “Zona kanye izinto eNgizenzayo, nani niyozenza.”

¹¹⁰ Manje lokho kuphakathi kokuthi kulungile noma akulungile. Futhi uma kulungile, Kuzokulungisa. Futhi ngingakufakazisa, khona lapha, kulokhu ukusa, ukuthi kulungile, ngomusa kaNkulunkulu, enza izinto ezifanayo Azenza ngaleyonkathi.

¹¹¹ Manje izwe limi eduze, futhi lithi, “Ha, loMuntu uselahlekelwe umqondo waKhe. Yena uyahlanya. Lokho akuyilutho. Labobantu uyasetshenzwa nje.” Niyabo? Ngoba, lelo yizwe. O, ungase ube negama elikhulu, kodwa lokho akuhlanganise lutho nakho. Kuthiwani phezulu *Lapho* na? Niyabo? Kulungile. Manje, sikholwa ukuthi kuyafana.

¹¹² Khona-ke, abafundi, bamangala. Bathi, “O Nkosi, uyakuphi Wena na? O, ngi—ngi...Kuphi, ikuphi la Uya khona, futhi singehambe naWe na?”

¹¹³ Nalesisahluko se 14 sikaJohane oNgcwele, Wakuchaza. Wathi, “Ngiya endlini kaBaba waMi, ngokuba phakathi Lapho kunezindlu eziningi. Ngizoya nginilungisele indawo. Ngizobuya ngizonilanda, ngolunye usuku, futhi nginamukele kiMi uqobo; ukuze lapho Ngikhona, nibe khona nani.” Futhi—futhi Wathi, “Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza.”

¹¹⁴ UThomase waMbheka, noma uFiliphu, njalo, wayesethi, “Nkosi, sibonise uBaba. Ubani—ubani lo Baba Wena oya kuye na?”

¹¹⁵ Wathi, “Ngani, kade Nginawe isikhathi esingaka. AwuNgazi na?” Wathi, “Uma niNgibona, nibone uBaba. UBaba ukiMi. Kholwani ukuthi Mina noBaba simunye. Noma, kholwani yiMi ngenxa yawo kanye umsebenzi, ukuthi uBaba ukiMi. AkuMina owenza imisebenzi; nguBaba okiMi, owenza imisebenzi.”

¹¹⁶ Angisiye uMoya oNgcwele. Wena awusiye uMoya oNgcwele. Kodwa uma kukhona noma yini...Yena akasiye uMoya oNgcwele. Kodwa leyo miyalezo ayishumayelayo kwakungeyona eyakhe. NguMoya oNgcwele ukuye. Ngabe kunjalo na? Awu, ezinye zalezi zinsuku, lonke lolu, oluncane, uhlaka lwakhe oludala luqathakela phansi, kodwa uMoya wakhe oNgcwele nomoya wakhe kuba kunye. Futhi njengoba lowoMoya oNgcwele wavusa uJesu ethuneni, futhi ukhuphula umzimba wakhe ekuvukeni, niyabo. Ngakho-ke yilelo amathemba esinawo namuhla.

117 Ngakho-ke, awu, bonke badumazeka, futhi bakhuphuka, ngoSuku lwePhentekoste. Futhi uJesu wabatshela, wathi, “Khuphuka lapho futhi ulinde.”

118 BaMbonile emva kokuvuka kwaKhe. Bacabanga, “O, he, lokhu kuyamangalisa! SiyaMbona evusiwe.” Ngisho noThomase wathi, “Nkosi, ngi—ngi. . .”

119 Wathi kubaphostoli, kuqala, “Ngeke ngisho ngikukholwe, ngaphandle uma ngingafaka isandla sami ohlangothini lwaKhe—lwaKhe.”

120 Futhi ngaleso sikhathi, uJesu wabonakala egunjini. Wathi, “Thomase,” wathi, “woza lapha.” Wathi, “Thinta izandla zaMi. Faka isandla sakho lapha ohlangothini lwaMi.” Wathi, “Ngiphathe. Ngabe umoya unenyama namathambo njengoba Nginakho na?” Wathi, “Ninakho okudliwayo na?”

Bathi, “Yebo, sinaso isinkwa nenhlanzi, ngapha.”

121 Wathi, “Nginike okunye kwakho.” Futhi Wama lapho wadla, futhi wakugwinya. Wathi, “Manje, ingabe umoya uyadla ngendlela eniNgibona ngidla ngayo na?”

122 UThomase wathi, “O, akasiyo iNkosi yami kuphela, kodwa UnguNkulunkulu wami.” Wathi, “Nkosi yami noNkulunkulu wami!”

123 Wathi, “Manje, Thomase, ngoba ungithintile, futhi uNgibonile, futhi uNgiphathile, nakho konke, uyakholwa.” Wathi, “Kungcono kangakanani ukukholwa kwabo abangakaze baNgibone kodwa baNgikholwa.” Niyabo?

124 Wathi, “Manje phuma lapha.” Waphuma. Wathi, “Manje, bheka, Ngithumela phezu kwenu isithembiso sikaBaba.” Wathi, “Kodwa hlalani emzini waseJerusalema, nize nembathiswe aMandla avela Phezulu.”

125 Wathi, “Manje ngifuna nihambe niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli; ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Ngabe kunjalo na? Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; ngeGama laMi bayokhipha amademoni; bayokhuluma ngezilimi ezintsha; bayophatha izinyoka; bayophuza okubulalayo; uma bebekha izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Futhi ngenkathi Enza lokho, U—Ubanika umyalo wabo wokugcina.

126 Imuphi umyalo wokuqala Ake awunike abaphostoli baKe na? Niyathanda ukuthi nginifundele wona na? Utholakala e—esahlukweni se 10 sikaMathewu. UJesu wayala abafundi baKhe. Wathi, “Phumani, niphulukise abagulayo, nihlambulule abanochoko, nivuse abafuleyo, nikhiphe amademoni; njengalokho namukelisiwe, yiphani ngesihle.” UMathewu isahluko se 10. Ngabe kunjalo na? Lokho ngumyalo waKhe wokuqala kubaphostoli baKhe.

Umyalo waKhe wokugcina kubaphostoli. . .

¹²⁷ Lokho kwakungebona abaphostoli kuphela, manje. Bakhetha amashumi ayisikhombisa. Kunjalo lokho na? Kwakhethwa amashumi ayisikhombisa. Futhi Wabanika bonke abangamashumi ayisikhombisa, wabathuma ngababili, ababili nababili. Wathi, “Phulukisani abagulayo, nihlambulule abanochoko, nivuse abafileyo, nikiphe odeveli; njengoba namukela ngesihle, yiphani ngesihle. Ningathathi imali, nezinqwaba zokushintsha izingubo zokugqoka, nesutikesi elikhulu, kodwa khumulani nje.” Wathi, “Ngokuba isisebenzi sifanele inkokhelo yaso. Ungayifaki isifonyo inkabi egxoba ummbila.” Wathi, “Qhubekani.” Base-ke bephuma futhi bashumayela. Lokho kwakungukuyala kwaKhe kokuqala.

¹²⁸ Bese-ke, ukuyala kwaKhe kokugcina kwaba ngukuthi, “Hambani niye ezweni lonke. . .” Manje, uma ukuyala kwaKhe kokuqala kwakunguku “phulukisa abagulayo futhi ukhiphe amademoni,” uzozama kanjani ukunqamula ukuyala kokugcina, okubaluleke kakhulu ngempela kunokuyala kokuqala na? Ukuyala kokuqala kwanikezwa ngaphambi kokuba uJesu aze akhazinyuliswe, ngaphambi kokuba kuze kwenziwe ukuBuyisana. Futhi uma ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwakungolunye uhlangothi lokuBuyisana, nokuBuyisana kukhuluma ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, singakuphika kanjani kulolu hlangothi lokuBuyisana na? Awukwazi ukukwenza. Awukwazi ukukwenza. Akufanele nje kwenqatshwe. KuyiZwi likaNkulunkulu.

¹²⁹ Futhi ngaso sonke isikhathi, kunoma iyiphi imvuselelo, noma yimuphi unyaka abake baba nemvuselelo ngawo, babenokuphulukisa ngokukaNkulunkulu nezimangaliso kukho. NgoMoody, ngoSankey, ngoWesley, ngoKnox, ngoCalvin, bonke, bonke babenezibonakaliso nezimanga. Kodwa izwe selipholile, niyabo. Kwapholiswa ngaleso sikhathi, futhi. Kodwa baqala imvuselelo. Buka uJohn Wesley. Ukhuluma ngezimangaliso! UMartin Luther!

¹³⁰ Ngisho namadoda amakhulu, ngisho anjengomongameli, njengo-Abraham Lincoln, uGeorge Washington, bonke! Ngaphambi kweValley Forge, uGeorge Washington wakhuleka kwaze kwaba manzi izinhlangothi zakhe, kwathi ngqu phezulu *lapha*, emi eqhweni. Ngosuku olulandelayo, izinhlamvu zemusketi—musketi ezintathu zangena zadlula ejazini lakhe futhi azizange zimthinte. Niyabo?

¹³¹ Ngani, bekuyizimangaliso sonke isikhathi, yebo, mnumzane, ngaso sonke isikhathi. UNkulunkulu ungumenzi wezimangaliso. Futhi bonke bayaMkholwa, ozelwe nguYe, unomqondo ofanayo owawukuNkulunkulu; ukumuntu, ngokuba uyindodana kaNkulunkulu. Futhi akukho okunye angakwenza ngaphandle kokukholwa abakhulu nabanamandla, ongaPhezu kwemvelo, ngoba yena uyinxenye yalokho okungaPhezu kwemvelo.

¹³² Bukani uNkulunkulu, ngaphambi kokuba kubekhona ngisho ne-atomu emoyeni, ngaphambi kokuba kube khona noma yini, futhi akukho lutho ngaphandle kukaNkulunkulu yonke indawo. Wagcwalisa yonke indawo naso sonke isikhathi. Wathi, “Makube khona,” futhi kwaba khona. Leli zwe esiphila kulo, lingelinye nje lamaZwi kaNkulunkulu akhulunywayo futhi enziwe abe khona. Manje, uma wena uyingxenywe yaKhe, ufanele ukukholwe lokho. Kodwa uma ungakukholwa, kukhombisa ukuthi awukaze ube yingxenywe yaKhe.

¹³³ Lalelani. Akuyena ofuna ukusindiswa, osindiswayo. Nguye osindisiwe ngokukhetha kukaNkulunkulu. U-Esawu wayefuna ukusindiswa, naye. Wakhala kamunyu, futhi akakwazanga ukuthola indawo yokuphenduka. Wayefuna ukusindiswa. Akusisona isizathu sokuthi wena ufuna ukusindiswa. UNkulunkulu wathi, “Ngiqinise lowo engizomqinisa. ngihawukela engifuna ukumhawukela.” Kunjalo. Wathi, “Ngaphambi kokuthi u-Esawu noma uJakobe, noma yimuphi, azalwe, engakwazi okulungile nokungalungile,” UNkulunkulu wathi, “Ngiyamthanda uJakobe futhi u-Esawu Ngiyamzonda.” Futhi u-Esawu wazama ukulungisana noNkulunkulu, futhi akakwazanga. UFaro wazama ukulungisana noNkulunkulu, futhi akakwazanga ukukwenza. Ngakho-ke, akuwena, hhayi lokho okufunayo. Yilokho uNkulunkulu akumisele khona ngaphambili ukuba ukwenze. Kunjalo.

¹³⁴ UPawulu washo, esahlukweni 9 sabaseRoma lapho, “Umbumbi akanawo yini amandla phezu kobumba, ukwenza isitsha esihloniphekileyo kumbe isitsha esingahloniphekile, ukuze abonakalise inkazimulo yaKhe kulabo Abahloniphileyo?” Ubungakwazi lokho, akunjalo na? Yilokho okushiwo umbhalo.

¹³⁵ UFaro wazama konke okusemandleni akhe ukuphenduka. Wayenehliziyo enhle. Wathi, “Impela, ngizokuvumela uhambe. Qhubeka.”

¹³⁶ UNkulunkulu wathi, “Qhabo, awunjalo. Ngizoyenza lukhuni inhliziyo yakhe ukuze ningakwazi ukukwenza.” Isizathu, iZwi likaNkulunkulu lizofanele ligcwaliseke. [UMfowethu Branham umbambatha iBhayibheli lakhe—Umhl.]

¹³⁷ Futhi uma siphila kulolusuku, lapho okungokomthetho nezinto kulibhidlizile ibandla, lahlakazeka; ngani, yiZwi likaNkulunkulu ligcwaliseka. Ngokuqiniseka njengoba uNkulunkulu athi, “Lezizibonakaliso zaziyakubalandela abakholwayo;” ngokuqiniseka njengoba uNkulunkulu asho ukuthi lamabandla ayoba njengoba enjalo manje, uNkulunkulu wabuye wathi lokhu kuphikiswa kwakuyohlangabezana nakho. Ngakho-ke, uNkulunkulu ofanayo owamisa izibonakaliso nezimanga, wamisa ukuthi laba bafanele bashushise ngokumelene naKho. Ngakho-ke nakho lapho okhona. Uma ukolunye uhlangothi, ngiyakuzwela. Futhi ngifuna ungabi

ngaleyondlela, kodwa mhlawumbe awukwazi ukuzibamba. Niyabo? UNkulunkulu ngahle ukuba wakulungisa ngaleyo ndlela.

¹³⁸ Nginibuzile, esikhashaneni esedlule, ngaphambi kokuba ngisho lokhu, bangaki kini abathanda iNkosi na? Futhi thola ukuthi, nonke beningamaKristu, kwasekuqaleni. Niyabo? Isizathu, ungeke waba ngumKristu... Lokhu akusikho okwelangaphandle, izwe. Lokhu kungokwabantu beNkosi.

¹³⁹ Ungeke waba ngumKristu, ngaphandle uma uNkulunkulu ekhetha wena. "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonisi. Futhi wonke ozayo, khona-ke NgiyoMnika ukuPhila okuphakade, futhi ngimvuse ngosuku lokugcina." UNkulunkulu wakumisela ngaphambili, wakwazi ngaphambili. Ngaphambi kokuba umhlaba uze uqale, Wathi Wasimisela ngaphambili kuKristu, njengamadodana kaNkulunkulu—kaNkulunkulu, ngaphambi kokuba umhlaba uze uqale. Sifanele sibe njalo.

¹⁴⁰ Futhi ngenxa yokuthi ufulathele, futhi wabona abantu abakhulume nabo; abakwazanga ukuLilalela. Baphakamisela amakhala abo phezulu kuLo. Nokho, mhlawumbe abefundisi, mhlawumbe abashumayeli beVangeli, mhlawumbe obungacabanga ukuthi bekungamaKristu adumile, kodwa engasindiswanga ngisho. Kunjalo. Bengasindiswanga ngisho.

¹⁴¹ Bukani labo baFarisi emuva lapho, bengabakholwayo nje, futhi bethembekile, futhi behlanzekile, futhi bengcwele ngakho konke, namadoda anomqondo wemiBhalo kanjalo. Futhi uJesu wathi, "Nina ningabakayihlo udeveli." Niyabo?

¹⁴² Kukhona izinto eBhayibhelini ibandla elingazi lutho ngazo, mngane. Kunjalo. Niyabo? Futhi uyazibuza ngesinye isikhathi, ukuthi kanjani lezi zinto, "Kungani iBhayibheli lisho lokhu na? Kungani uJesu athi...?"

¹⁴³ UPetru wathi, "Phendukani, nibhaphathizwe yilowo nalowo eGameni likaJesu Kristu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgewe." Futhi lapha sinabantu phezulu e-altare, abalindele *lokhu* futhi balindele *lokho*, bekuyokwenza nini iZwi likaNkulunkulu libe yize. UNkulunkulu uzofanele alinakekele iZwi laKhe. Futhi ngomzuzu uhlangabezana nesidingakalo saKhe, UNkulunkulu uzophendula iZwi laKhe ngokushesha *kanjalo*. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.] Kulungile. Isizathu, Ukhona ukukulinda.

¹⁴⁴ Kodwa ubona abantu bethi, "O, ngaphandle uma simemeza, noma ngaphandle uma sikhuluma ngezilimi, ngaphandle uma sisina eMoyeni." Zonke lezo zinto zilungile. Zilungile, kodwa akukho abangakwenza okuphathelene nensindiso; lutho nhlobo.

¹⁴⁵ Isizatho, ngokushesha nje lapho uphenduka ezonweni zakho, uma ngempela uNkulunkulu ekulahle ngecala, futhi uphendukile futhi wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu,

UNkulunkulu ungaphansi kwesibopho sokukunika uMoya oNgcwele khona lapho, kunjalo, ngoba iZwi laKhe lasho njalo. Futhi Yena angeke . . .

146 Akuyilutho engxenye kaNkulunkulu. Kuyingxenye yakho, ngoba abantu bafundiswe ngokungeyikho. Ngaso sonke isikhathi lapho befika, baqala into encane, bathi, “*Lokhu yiKho. Lokhu yiKho.*” O, he! Akukhona lokhu kubonakalisa kwenyama; yizingxenye ezingahlukaniseki zikaMoya oNgcwele.

147 Kodwa, ukwamukela uMoya oNgcwele, kungukwamukela uMuntu, uKristu, khona-ke lezi ezinye izinto zenzeka empilweni.

148 Sibabonile abantu bememeza, futhi bephila zonke izinhlobo zokuphila. Sibabonile abantu bekhuluma ngezilimi, futhi benza okufanayo. Sibabonile abantu bephuma futhi bakhulekele abagulayo, futhi bayophulukiswa; futhi benze, baphile noma yiluphi uhlobo lwempilo. UJesu wathi, “Abaningi bayakuza kiMi futhi bathi, ‘Nkosi, angiprofethanga yini ngeGama laKho, ngashumayela na? Angikhiphanga odelveli ngeGama laKho na?’ ‘Yebo.’ Angiyenzanga le misebenzi yamandla na?’ ‘Yebo.’ Uyothi, ‘Awu, khona-ke, sukani kiMi, nina benzi bokubi. Angizange ngisho nginazi.’”

149 “Akusiye othandayo, noma ogijimayo, nguNkulunkulu owaba nesihawu,” iBhayibheli lasho. Wathi, “Angishongo yini kuMose, ‘Ngihawukela eNgizomhawukela, futhi Ngenza lukhuni eNgizomenza lukhuni?’” UPawulu wathi, “Akukho muntu. . .Awu, wena uyasho-ke, ‘Angalithola kanjani iphutha na? Uma Ekumisele kusengaphambili ekubhujisweni kwaphakade, Angalithola kanjani iphutha na?’” Wathi, “O, muntu, ingabe into eyenziwe, ingasho kuLowo omenze waba kanjalo na? Akakwazi ukukwenza.”

150 Ngakho-ke ubona abantu ongakwazi ukukhuluma nabo, futhi nje ngeke balalele; futhi ngeke balalele imiBhalo, futhi bekhulwa ukuthi ingxenye yaWo ilungile nengxenye yaWo ayilungile, futhi nokho bayakwenza *lokhu*.

Wena uthi, “Kungaba abefundisi na?”

151 IBhayibheli lasho njalo. Lathi, “Amadoda asendulo, amiselwa ngaphambili kulokhu kulahlwa, ukuthatha umusa kaNkulunkulu futhi aWuguqulele emanyaleni.” Yini amanyala na? Ukwazi iQiniso futhi ngeke uhambe kulo!

152 Lathi, “Uma iQiniso selethulwe komunye, uyaLifulathela ngamabomu, akaLinaki; awusekho umHlatshelo wesono, osalele lowomuntu.” Ngani? Akukho lutho kuye, ukukholwa. Niyakuthola engikushoyo na?

153 Bhekani lapha. Ungaliphakela kanjani iwundlu, ingxavungxavu na? Belingeke liyidle. Kunjalo. Belingeke liyidle,

ngoba liyiwundlu. Kodwa ingulube izoyidla. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngoba, iyingulube, ngokwemvelo.

154 Futhi bonke abamiselwe ukuPhila okuphakade, bayozwa iQiniso futhi bakholwe iQiniso, futhi beze eQinisweni. Kodwa labo abayoya ebandleni futhi babe mnene njengabo bonke, nokho ngeke balemukele iQiniso, ngoba akukho lutho kubo okungaxutshani swa naLo. Abakukholwa okungaPhezu kwemvelo, ngokuba akukho okungaPhezu kwemvelo phakathi lapha okungaxutshani swa nokungaPhezu kwemvelo. Nakho lapho ukhona. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Akukho lutho olungaphezu kwemv- . . .

155 Ngibona inenekazi linengane encane egulayo elele lapho kulokhu ukusa. Ngilibonile lehla emotweni, ngenkathi ngiwela umgwaqo. Okuthile, mhlawumbe lezwa ukusakazwa kwasemsakazweni noma okuthile. Lalazi ukuthi besizokhulekela abagulayo. Okuthile phansi enhliziyweni yakhe kuthi, “Yisa umntwana esontweni.” Lakulalela lokho. Kunjalo, niyabo.

156 Ngoba kukhona okuthile phakathi lapho, okuthi, “Kulungile.” Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kuvelaphi na?

157 Wonke umcabango, yonke into onayo, ivela ndawana thize. Kufanele kube nesiqalo. Ngabe kunjalo na? O, he! Ngiyakuthanda lokhu. Kufanele kube nesiqalo. Futhi imvelaphi yaqala kuphi na? Niyabo? Kwaqala eNkazimulweni, kwazungeza emazingeni eziNgelosi. Izithunywa zikaNkulunkulu zishanele phansi, zathi, “*Lokhu yiKho.*” Wabuka iZwi. Lavelaphi na? Lavela *Lapho*.

158 Futhi Lapho, leyongxenye phezulu *Lapho*, iphakathi *lapha* futhi, ithi, “Lilungile!”

159 Kufana nokuthi uma ngifuna ukushayela eCalifornia. Into yokuqala, ngehlisa isamukeli sami, ngishaye le u-opharetha. “Esentrali?”

“Yebo.”

160 “Ngishaye lele inombolo ka*S'bani-bani*, eCalifornia.” Kufanele ngidlule esentrali. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kusukela endlini yami, ngiphumele esentrali; kusukela esentrali, esizweni sonke. Yilokho kuphela.

161 “Noma yini eniyicela kuBaba eGameni laMi, ngiyokwenza.” Into yokuqala niyazi, sifanele sidlule eSentrali. Okokuqala, ufanele ushaye amaPages, ukubona ukuthi ikhona yini indawo enjalo. Ngabe kunjalo na? Futhi uthola indawo, bese wehlisa futhi uthi, “Baba!”

“Yebo?”

“EGameni likaJesu, ngiphe *lokhu.*” Nakho-ke.

162 “Impela, Ndodana yaMi! Kuxhume.” Ozwayo uyabuya ezungeza ezansi ngomugqa, iZwi likaNkulunkulu libonakalisiwe. Impela, kunjalo. Lilula kunjalo-ke iBhayibheli, amakholwa linjalo, insindiso injalo, ukuphilisa kunjalo. Konke uNkulunkulu akuthembisile kuLapho. Kungokwakho. Kucele nje. Noma yini Ayifelayo, ingeyakho.

163 Nakho-ke, yonke into, nokuthi sikuthanda kanjani! Akukhona ukudla emphefumulweni wakho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi ngaso sonke isikhathi siyakholwa, lelochashaza elincane phakathi lapho livele libe likhulu, kakhulu, kakhulu, likhukhumale, kuze kuthi, emva kwesikhashana, livele libe, ukholwa yizinto zonke. Futhi lapho zonke izinto ziqala ukungena, uthando luqala, luyangena; ukungabaza, inzondo, ububi, ukwesaba, kuvele kundize kuphume, *kanjalo*. Livele liluleke, liba likhulu kakhulu nje, lize liqhumise igobolondo elincane elidala. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Izwe lonke selihlanziwe. Sikhula nsuku zonke emseni kaNkulunkulu.

164 Manje niyabaqaphela labo bantu, bangahlala futhi bathi, “Awu, ngiyayemukela iNkosi.” Uthatha izwi labo ngakho. Ngingalithatha, nami. Angikwazi ukwahlulela. UNkulunkulu uyakwenza. Kodwa eminyakeni eyishumi kusukela manje, abakaze bathuthuke nakancane; ukuhlala nje endaweni efanayo endala. Niyabo?

165 Sikhula nsuku zonke. Usuku ngalunye inhliziyoyethu iyalamba, ilokhu iqhubekela phambili. Kukhona okukhula ngaphakathi kuwena. Amen. Uba mkhulu, ululeke, ungathatha okuningi...?..UPawulu wathi, “Lapho u...” Watshela ibandla laseKorinte, wathi, “Uyavuthwa, uyakhula. Kepha uma benifanele ukuba ngabafundisi, niseyizingane ezidinga ukufundiswa.” Ngabe kunjalo na? Kanti, benifanele ukuba ngabafundisi; Into ethize phakathi lapho, ikhula, ifuqa, yenze kube kukhulu. UMOya oNgcwele, ukhula.

166 UkuZalwa okusha! Uma ukuzalwa kuzalwa ngaphandle, kusukela ngaphakathi kuya ngaphandle, umntwana, uyakhula uma ephila. Uma engenjalo, kuyahlala. Ngabe kunjalo na? Awu, lapho ukuzalwa kungaphakathi, akufanele kukhule na? UKristu enhliziyweni yakho ufanele ukhule nsuku zonke, ube mkhulu, ube namandla kakhulu, uqonde kangcono izinto, uthethelele, uhamba njengoba uNkulunkulu ubengenza, “kuze kuthi uKristu abunjwe kini, ithemba leNkazimulo.”

167 Kumele silwe nababuthakathaka baze bavuthwe ngokugcwele kuKristu Jesu. Khona-ke bangamasosha amahle. Khona-ke sebegqoke izikhali ezigcwele. Khuluma ngazo; ungabalimazi. Bahleke, hlekisa ngabo; abakunaki. Banento eyodwa; bakhulu kakhulu nje, he, begcwele kakhulu iNkazimulo

nje. Into kuphela ofanele uyiqathaze yilengubo endala yenyama, futhi uvele udlulele ngqo eNkazimulweni. Niyabo?

¹⁶⁸ Omunye uthi, “Niyazi, omunye wathi wawungumzenzisi, Nkk. Jones na?”

“Ingabe? Awu, uNkulunkulu ababusise.”

¹⁶⁹ “Niyazi ukuthi izinto ezithize-thize zenzeka kulelobandla, okungafanele kwenzeke na?”

“Awu, ngizokukhulekela.” Niyabo? Kukhulu!

¹⁷⁰ O, uma umncane, bese-ke uthi, “O, kunjalo? Mangingene. Iluphi uhlangothi okufanele ngilujoyine na? Niyabo? Yilapho-ke ongena khona enkathazweni. Yilapho-ke ongakwazi khona ukuvuthwa.

¹⁷¹ Kodwa uma usumkhulu ngokwenele, umkhulu ngokwenele, uyabo, uvuvukele. Ungavuvukele nje kuphela, kodwa ukhulile. UKristu ekhula kuwe, ekhulisa isimila, esikhipha kuwe; asifuqele ngaphandle. Njengoba uNkulunkulu engena, avele afuqele ngaphandle. Wena uthi, “O, kuncane kangakanani, kuwubungane kanjani, kuyizinganyana kanjani, ukuphikisana nokuqophisana.” Kodwa, into yokuqala uyazi, Lokho kuvele kukhule phezu kwakho. Asisenayo indawo yakho. “O, ngangivame ukukuzonda ukubona *lokhu*, futhi ngikuzonde *lokho*. Kodwa, niyazi, ngisanda kuba njalo angisakunaki nje.” Wena uyakhula. Yebo, mnumzane.

¹⁷² Uyazi, lapho usemncane, bathi unezinhlungu zokukhula lapho ukhula. Niyazi ukuthi ngisho ukuthini. Kusho ukuthi uya ngokuba mkhulu, kancane. Niyazi, uthatha, izingalo zakho zizoba buhlungu. Futhi imilenze yakho izoba buhlungu, lapho ukhula, izinganyana. Ngaba nakho. Ngangiba mkhulu ngaso sonke isikhathi. O, he!

¹⁷³ Ngezinye izikhathi siba nezinhlungu zokukhula lapho siba abesilisa nabesifazane, lapho sizalwa eMbusweni kaNkulunkulu, uKristu. Kodwa, into ngalokho, kubuhlungu; into nga*Lokhu*, Kukwenza nje ube nenjabulo futhi ujabule. Yizinhlungu zokukhula. Uyaphuma, uba mkhulu, uba yindoda enkulu manje, lokho owawuvame ukuba yikho. Ungazeqa izinto.

¹⁷⁴ Hhayi nje ukuthi unamahlombe abanzi; lokho akusho lutho ngakho. Kodwa ubanzi phakathi *lapha*, niyabo, hhayi ngaphesheya *lapha*. Phakathi *lapha*, lapha yilapho ofanele weluleke khona, ukhule, enhliziyweni yakho, ngaphakathi. Lapho uKristu engena enhliziyweni, khona-ke Ungena emlonyeni, khona-ke Ungena emehlweni. Ungena emqondweni.

¹⁷⁵ Ungena emlonyeni. Ukwenza ukhulume okwehlukile. Awukhulumi njengoma wawuvame ukwenza. UKristu wangena emlonyeni wakho. Selukhulile vele manje enhliziyweni yakho, uthando lwakho owawunalo ngaYe, uze ukwazi ukulawula ulimi lwakho. Mfowethu, into enkulu leyo.

176 Bese-ke, into elandelayo oyaziyo, ikhula emehlweni akho. Into elandelayo uyazi, uyathola, ukuthi lezozinto ezindala ezikhanukisayo owavame ukuzibuka, uzophendula ikhanda lakho. Wena uyakhula.

177 Manje-ke, into yokuqala oyaziyo, usaphendula ikhanda lakho, kodwa uyacabanga. Niyabo? Ngemva kwesikhashana, kukhula engqondweni yakho; awusakucabangi nokukucabanga. Khona-ke usungumfana omkhulukazi. Ungena ekugcwaleni, indoda evuthiwe, ephilela iNkosi. Ngakho-ke, manje-ke, khona-ke ukuKristu, isidalwa esisha.

178 Manje, ngenkathi lababaphostoli beqala ukwemukela Lokho, o, babejabule kakhulu! Bacabanga, "O, he, akumangalisi yini lokhu!" NoMoya oNgcwele wawubagcwalisile, futhi babephandle lapho, bephulukisa abagulayo futhi benza izimanga.

179 Futhi kwakukhona umfo omncane ogama linguPetru, noJohane. Badlula esangweni, futhi kwakungeLihle, esahlukweni se 3 lapho. Futhi bona . . .

180 Besinesikhathi esengeziwe sokubhekana nakho; kodwa asinaso. Sifanele siphuthume manje, ukuze sehlele amavesi ambalwa. Ngigala isendlalelo futhi angilokothi ngifinyelele esahlukweni ebengikhuluma ngaso. Ngakho-ke, manje-ke, ungena ekukwenzeni. Kuhle kakhulu nje! Kunjalo, konke, kuhle. Futhi kungukuthi, yonke indawo nje oKuthola kuyo, awufuni nje ukuKushiya. Kungukuthi nje . . .

181 Lalelani, ngifunde iBhayibheli iminyaka engamashumi amabili nantathu. Futhi ukube angifundanga kodwa umugqa owodwa, bengingaqhubeka ngishumayela ngalowomugqa owodwa, nginendikimba entsha njalo ebusuku, into entsha njalo ebusuku. Niyabo, Kuyikho ngempela! Kuphefumulelwe. Uma kuphefumulelwe, akukho . . . Akunasiphelo. Kungokokungunaphakade, kuya kokungunaphakade. Uma iZwi elilodwa, "NgiyiNkosi," ungashumayela ngalokho iminyaka eyizigidi eziyikhulu, futhi kuzoba kusha nje njengosuku okwakhulunywa ngalo. Niyabo, akunakuphela. Kuvele kuqhubeke, kuqhubeke, kuqhubeke, kuqhubeke, kuqhubeke, kuqhubeke kuqhubeke. Akukho ukuphela kuKho; uvele ulokhu uqhubeke nje.

182 Manje lalelani lokhu. Manje, abafundi, baba nesikhathi esimnandi. Futhi uPetru waphuma waya esangweni okuthiwa eLihle, yena noJohane. Babekade bephezulu lapho bekhuleka, benesikhathi esimangalisayo. Futhi lapha kwakulele indoda enokuncane . . . yayiyisishosha. Niyazi ukuthi umuntu oyisishosha uyini, uhlobo lo—uhlobo lokungakwazi ukuhamba neze. Mhlawumbe wayenesifo samathambo, noma okuthize. "Wayelunyonga kwasesibeledweni sikanina.

¹⁸³ UPetru wabheka, eya ngalapho, ekhuluma noJohane. Wathi, “Manje singena ethempelini, ukuyokhonza.” Ethu, “Johane, manje asinaso yini isikhathi esimnandi na?” Noma, into efana naleyo; inkazimulo enhliziyweni yabo. Kwakumele babuke lokho ababekusho, ngoba izethameli nabantu abaseduze, kakhulu babeshush- . . . Babeshushiswa kakhulu.

¹⁸⁴ Lapho kwakulele indoda, ikhubazekile kwasesizalweni sikanina; impofu, isinxibi esidala. Yabuka phandle lapho; futhi yayifuna okuthile. UPetru wathi, “Manje, isiliva negolide, anginalo. Anginayo imali. Kodwa lokho enginakho ngizokunika khona, uma ufuna ukukwamukela.” Futhi yambheka phezu, sengathi izokwamukela okuthile. Wathi, “EGameni likaJesu Kristu waseNazaretha, sukuma uhambe.”

¹⁸⁵ Futhi ngakho-ke indoda ayikwazanga ukunyakaza. Ngakho-ke uPetru uyasondela nje wase eyibamba ngesandla, yena noJohane, bobabili, base beyiphakamisa. Bathi, “Awuzwanga ukuthi sitheni na? Sukume ahambe.” Yilokho kuphela. Yasukuma indoda. Futhi, awu, ngani, yathi. . . Into yokuqala niyazi. . . Bavele bayibamba lapho kancanyana, futhi amathambo ayo eqakala aba ngcono kancane, futhi yaqala ukuhamba.

¹⁸⁶ Wathi, “Awu, bheka lapha!” Futhi yasuka yahamba. Futhi into yokuqala niyazi, yaqala ukweqa, nokugxuma, nokugijima.

¹⁸⁷ Futhi niyazi ukuthi bathini labo bantu na? Bathi, “Yini inkinga ngalawo madoda na?” Ngani, babangenisa lapho futhi babashaya, futhi babafaka etilongweni. “Ngani,” bathi, “bekungafanele bakwenze lokhu. Akuzange kufike ngebandla.” Nakho lapho ukhona. Manje isahluko 4, qala.

Kwathi besakhuluma ebantwini, abapristi, nezikhulu zethempeli, nabaSadusi, beza phezu kwabo,

¹⁸⁸ UPetru nabo besakhuluma nabantu. O, babenjalo. Lalelani lapha phezu. Ake ngithole ivesi noma amabili nje emva kwalokhu, esahlukweni se 3, ngithi ukukusekela kancane lapha. Ake sithathe ivesi la 20. “Futhi uyakuthuma uJesu. . .” UPetru eshumayela:

. . . uzakuthuma uJesu. . . elashunyayelwa kini ngaphambili:

¹⁸⁹ Ngabaprofethi nakho konke, niyabo, babatshela ukuthi babefanele bakwemukele, kodwa abakwemukelanga. Wabatshela emuva lapho, wathi, “Ngezandla ezimbi nibethele uMbusi wokuPhila.” Wabatshela. Wathi, “Nikwenze ngokungazi, ngoba uNkulunkulu wathi nanizokwenza.”

¹⁹⁰ Kungani labo bapristi bengakholwanga na? Kungani ayengenakukwenza amadoda enkolo, angewe. . . O, angikwazi ukukuyeka lokhu kudlule, Mfowethu Neville. [UMfowethu Neville uthi, “Amen. Qhubeka ngqo.”—Umhl.] Bukani,

amadoda enkolo, angcwele, ephila kukho konke ukukhanya okuncane ayenakho, nakho konke okunye! Amadoda enkolo, angcwele, futhi “Ayengenakukwenza,” iBhayibheli lathi, “ayengenakukholwa eNkosini uJesu.” Ngani na? UNkulunkulu wakumisela ngaphambili.

¹⁹¹ U-Isaya wakukhuluma, futhi wathi, “Banamehlo . . .” Wathi, “Ayengenakukholwa eNkosini,” ngoba u-Isaya wathi, ngaphansi kokuphefumulelwa. UNkulunkulu wakuqathazela phansi kuye, cishe iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kokuba bafike. Wathi, “Banamehlo, futhi ababoni; izindlebe, abezwa.” Futhi, ngakho-ke, abakwazanga ukwamukela uJesu. Akunandaba ukuthi babefuna kangakanani ukukholwa, kwakunento ethize eyayingebavumele, ngoba uNkulunkulu wayesho njalo.

¹⁹² Mfowethu, ubufanele ube ngumuntu ojabule kunabo bonke emhlabeni, ukwazi, kulokhu ukusa, ukuthi uhlezi lapha njengekholwa eNkosini uJesu. Yebo, mnumzane, mfowethu! Awuboni, noma isoni asazi ukuthi kusho ukuthini, ukuthi lapho uNkulunkulu uSomandla engqongqoza enhliziyweni yakhe! Ngani, akukho okufana nakho, ndawo. Ubungekwazi . . . Ubungacinga futhi ufunisise amazulu, futhi awutholi lutho olulingana nalokho, ukuthi kanjani ongcwele, uNkulunkulu ongenasiphelo uzokwehla futhi angqongqoze enhliziyweni yomnyango wesoni, futhi ufuna ukuhlala bengabangane naye. Whewu! Bekufanele kusenze sikhululeke, wonke umuntu.

¹⁹³ Manje bonani. Bhekeni lapha. Wathi, “Kwakungaphambi kokuba kushunyayelwa kini.”

¹⁹⁴ Manje lalelani. Ngisho nangaphambi kokuzalwa, noma ngisho nangaphambi kwezwe langaphambi kokubhujiswa ngozamcolo, izwe langaphambi kokubhujiswa ngozamcolo, ngaphambi kokuba libhujiswe ngamanzi, uJesu Kristu washunyayelwa kubantu. Ensimini yase-Edene, uJesu Kristu washunyayelwa kubantu. Ngabe benikwazi lokho na?

¹⁹⁵ Ngenkathi uJesu efa esiphambanweni, ukugcwalisa . . . Lowo kwakunguJesu, hhayi uMoya oNgcwele kuYe. Niyabo? Ngenkathi Efa esiphambanweni, nomphefumulo waKhe, hhayi uMoya kaNkulunkulu, kodwa umphefumulo waKhe waya esihogweni, ngoba Wayefanele. IBhayibheli lathi Uyokwenza. Kodwa uJesu wakholwa ukuthi Uyovuka futhi ezinsukwini ezintathu, ngoba Wayazi ukuthi ukonakalwa kwezinsuku ezintathu kwakuyongena.

¹⁹⁶ Futhi uDavide wathi, “Angiyikushiya oNgcwele waMi abone ukubola, futhi aNgiyikushiya umphefumulo waKhe esihogweni.”

¹⁹⁷ UJesu wathi, “Bhubhisani lomzimba, uzovuka futhi ezinsukwini ezintathu.” Phakathi nezinsuku ezintathu! Wayengekho lapho ncamashi, kuze kube umzuzu, izinsuku

ezintathu. Kwakuyisikhathi esithize phakathi kwalezo zinsuku ezintathu, Wayeyovuka futhi. Ngokuba Wayazi ukuthi Wayeyoya e...Umzimba wakhe wawuyoya ekuboleni, amagama alula; wawuyoya ekuwohlokeni, uhambe, ngemva kwezinsuku ezintathu.

¹⁹⁸ Futhi Wayazi ukuthi akukho nelilodwa ingqamuzana elaliyokonakala, ngokuba Wathi, “Ngeke Ngivumele oNgcwele waMi abone ukubola.” Haleluya! UJesu, ngomBhalo owodwa vo, wakhuluma ngomshumayeli ohlubukile, ngaphansi kokuphefumulelwa, wakukholwa, futhi wethemba umphefumulo waKhe ukuthi uye esihogweni. Kunjalo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁹⁹ Futhi Wahamba washumayela emiphefumulweni eyayisekuboshweni, engaphendukanga ekubekezeleni ezinsukiwini zikaNowa, ngenkathi umkhumbi usalungiswa.

²⁰⁰ Babeno-Enoke nabo bonke abanye, nezivivane nakho konke, lapho bekugxumeka. Futhi washumayela iNkosi uJesu Kristu kubo, futhi bala ukukwemukela. Benamawala, bekhukhumele, futhi benqaba ukuKwemukela!

²⁰¹ Futhi uJesu wasefika emasangweni esihogo, wathi: “NginguYe abaprofethi abathi uyoba lapha.” [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kathathu—Umhl.] Haleluya! “Niyabona ukuthi ngilapha! IZwi likaNkulunkulu alinaphutha. Izinkulungwane zeminyaka sezidlulile, iminyaka eyizinkulungwane ezine, kodwa Ngilapha. IGazi laMi liseKalvari kulokhu ukusa. Impela. IZwi likaNkulunkulu lingokoqobo, ngakho-ke kungani ningaphendukanga na?” Babelahlekile futhi belahliwe.

²⁰² Kuyoba njalo lapho ukuFika kweNkosi kuzofika futhi. IZwi likaNkulunkulu alinaphutha. Athi kuyokwenzeka kuzokwenzeka, akukho okungaKuvimba. Akukho sithiyo esingaKuvimba. Akunandaba ukuthi izikhathi ziguquka kanjani, abantu baguquka kanjani, abashumayeli baguquka kanjani, amabandla aguquka kanjani; IZwi likaNkulunkulu liyohlala limile, lizofika. Uzoba lapha. Uyofika ngenkazimulo yaKhe, nazo zonke iziNgelosi zaKhe. Kunjalo. IZwi likaNkulunkulu lasho njalo.

²⁰³ Futhi ngolunye usuku, wonke umuntu ngamunye ohlezi kuleligumbi, namhlanje, uzofakaza, aMbone eza eNkazimulweni. Uzobe eza, enjabulweni yakho noma osizini lwakho, okunye noma okunye. Kunjalo. Kumele Afike. IZwi likaNkulunkulu alinaphutha.

²⁰⁴ Khumbulani iSifanekiso Senkululeko phezulu lapho, phandle engalweni, ngalobobusuku. Ngicabanga ukuthi ngike ngakusho lapha ngaphambilini. Ngibone leyo mizwilili emidadlana ilele ngalapho, ngakuleyo ngilazi enkulu lapho,

namakhanda amadadlana eshayiwe. Ngathi kumholi, ngathi, “Awu, yini, leyo lapho na?”

²⁰⁵ Wathi, “Awu, babe nesiphepho izolo ebusuku.” Wayesethi, “Lapho izibani beziseSifanikisweni Senkululeko, izinyoni ezindadlana zibambeke phandle lapho esiphephweni, nasebumnyameni. Futhi esikhundleni sokuzama ukusebenzisa ukukhanya, ukundizela endaweni ephephile, zandiza zaphambana nakho, zizama ukukushaya kucime.” Manje, khona impela ukukhanya okwazibangela ukuba zife, kwakungazibangela ukuba ziphile, ukuba zazikusebenzise kahle. Wathi, “Futhi zazilele lapho, ngoba ubuchopho bazo bushaywe baphuma. Zazizama ukushaya zicime lokho kukhanya. Zamukela ukukhanya, futhi zithi, ‘ngiyabonga,’ futhi zikuvumele kuzihole; zazama ukukushaya zikucime.”

Ngathi, “Makabongwe uNkulunkulu!”

²⁰⁶ Abaphiki nkolo bazovuka, izivumokholo zizovuka, abantu bethi, “IBhayibheli alilu-...lungile. Aliphefumulelwe.” Bashaya bekiphe ubuchopho babo. Lapho, babungathatha—babungabathatha bubayise eNkazimulweni. KungukuKhanya, isibani, endleleni yezinyawo, nakubantu. Futhi noma yimuphi owesilisa noma owesifazane obengamukela iZwi likaNkulunkulu, futhi athi, “Ngingahle ngingaKuqondi, kodwa, Nkosi, ngizohamba kuKho ngiye ekuKhanyeni.”

Sizohamba ekuKhanyeni, lokho kuKhanya
okuhle,
Kuvela lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;
Kukhanyisa nxazonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

²⁰⁷ Impela, sizohamba ekuKhanyeni. Singazami ukuKushaya kucime, singazami ukuba sithi, “*Lokhu* akulungile. *Lokhu* akulungile. Futhi, *Lokho*, lokho akulungile. Futhi *Lokho* akulungile.”

²⁰⁸ O Nkulunkulu, ungangivumeli ngishaye ngimelane nokuKhanya kwaKho. MangiKwemukele enhliziyweni yami, futhi ngithi, “Kulungile, Nkosi. Futhi ngizohamba ekuKhanyeni.”

²⁰⁹ Lezozinyoni zazingakuthatha lokho kukhanya, futhi zakuphenya macala onke, lapho zehla zidabula lapho; futhi zangena ngqo ensongweni enhle ngaphansi kwendlu ndawana thize, endaweni yokukhosela ndawana thize, futhi zazivikelwe esiphephweni.

²¹⁰ Futhi ngalesi siphepho esikhulu sokomthetho, isiphepho esikhulu sokunganaki, isiphepho esikhulu sokuphika uNkulunkulu. “O Nkulunkulu, ungangivumeli ngizame ukushaya ukuKhanya kucime. Ake ngiKusebenzise ukuba ngihambe ngingene. NgiyaKukholwa, Nkosi.” Nakho lapho

okhona. Hamba ekuKhanyeni. “Njengoba ngiKubona emBhalweni, lokho ngukuKhanya. KuyiZwi likaNkulunkulu, futhi mangihambe kuKho. Nkosi, Nkosi, mangihambe kuKho; ungalokothi, ungalokothi uzame ukuKuphika.”

Futhi uyakuthuma uJesu... elashunyayelwa kini ngaphambili:

Okufanele amazulu amemukele kuze kufike isikhathi sokubuyiselwa kwezinto zonke, uNkulunkulu akukhuluma ngomlomo wabo bonke abaprofethi bakhe abangcwele kusukela endulo.

²¹¹ Ivesi la 21 lesahluko se 3, “Konke ukubuyiselwa kwezinto zonke,” lapho kuyoba khona amazulu amasha, umhlaba omusha, uhulumeni omusha, umnotho omusha, o, he, inkosi entsha, impilo entsha, isiqalo esisha esingenasiphelo, o, he, unyaka omusha, isikhathi esisha, abantu abasha.

²¹² O, ngijabula kakhulu nginesithembiso sikaNkulunkulu, ongaphosisi kakhulu, ukuthi Waya esihogweni ukuyofakaza kuso. UNkulunkulu ofanayo wangethembisa ukuthi ngiyoba lapho ngokuPhila okuphakade, ngoba ngemukele iNdodana yaKhe, uKristu Jesu, futhi nikholwe onke amazwi Awashilo ukuthi ayiQiniso. Kufanele kube lapho! O, he! Into emangalisa kanje pho!

²¹³ Sifanele sibe sothandweni kangakanani naYe, lowo othandekayo, ongenaphutha, oNgcwele kaNkulunkulu! Kufanele siMthande kanjani, futhi konke okunye kube okwesibili! Yonke into, ngisho ikhaya lakho, ngisho nomndeni wakho, ngisho yonke into, ngisho nabo bonke abantu bakini, yonke enye into, ingeyesibili. “Ongayikulahla uyise, unina, udadewabo, umfowabo, umyeni, umkakhe, abantwana, noma ikhaya, noma ngabe yini, futhi aNgilandele, akakufanele ukubizwa ngowaMi. Futhi lowo ozobeka isandla sakhe egejeni futhi ngisho aphenduke abheke emuva, akakufanele ukulima.”

²¹⁴ Ngiphe amaFutha esibani sami, Nkosi. O Nkulunkulu, ngigcwalise kaninginingi. Ngigome ezintweni zomhlaba. Kwangathi ngingagomeka kuzo zonke izinto zokungamhloniphi uNkulunkulu, yilokho engikufunayo. Makuthi uMoya waKho oNgcwele uze kimi, futhi ungenze ngigomeke kuzo zonke izinto zezwe.

²¹⁵ Ngifuna ukubona uJesu. Ngifuna ukubona uJesu. Anifuni nina na? Kunjalo. UJesu, uMsindisi wami, uqinisile kakhulu! Kodwa uma ngifika kulologu eZweni elikude, ngifika laphaya eZweni elisha, ngingazi muntu, khona-ke ngifuna ukubona uJesu. Ngiyazi ngizoba noMngani Lapho. Anazi nina na? Khona-ke uJesu uyongibonisa umama, Uyongibonisa abathandekayo bami, nabo bonke abathandekayo bami bangizungezile ngalesosikhathi. Mm!

216 Kungaleso sikhathi “ukubuyiselwa kwezinto zonke.” Niyabo? Lalalani. Ake ngikufunde lokho futhi, ivesi la 21.

Lowo amazulu afanele amemukele (lokho ngukuthi, amazulu afanele emukele uJesu, niyabo) kuze kufike isikhathi sokubuyiselwa kwezinto zonke—izinto zonke uNkulunkulu azikhuluma ngomlomo wa . . . abaprofethi bakhe abangcwele kusukela kwaphakade.

217 O, he! Yeka indoda ephefumulelwe eyayimi lapho! Nokho, iBhayibheli lathi, “Wayingazi futhi engafundile.” Waphulukisa indoda esangweni okuthiwa eLihle, ngokukholwa kwakhe eGameni likaJesu Kristu. Kunjalo.

218 Futhi bona, labobafundisi bezenkolo, oDokotela bobuNkulunkulu, abaphakeme abaqotho, nebandla elikhulu kunawo wonke nakho konke, bathi, “Mbopheni lowo muntu! Nimfake ejele! Ngani, lokho kuhlubuka, kungumbhedo!”

219 Kodwa wayekwazi ayekhuluma ngakho. Bathatha ulwazi baluyisa kubo, bazi ukuthi babekade benoJesu.

220 O Nkulunkulu, ya, leyo—leyo yimfundo engiyifunayo. Uma ningaphila eduze ngokwanele kuNkulunkulu baze abanye bengabona uKristu kimi, noKristu kuwe, yileyo kuphela imfundo engiyikhathalelayo. Yilapho engifuna ukuba khona.

221 Angifuni bathi, “Awu, manje ukubhalwa nokufundwa kolimi kwakhe kuhle kakhulu, futhi unemfundo enjalo, futhi uyayazi isayense yezenkolo.” O, he! Nkulunkulu, kususe lokho. A—angifuni . . . Anginakho, futhi ngiyajabula ngakho. Niyabo?

222 Ngivumele ngibe noJesu, kube lapho engingahamba khona, futhi abantu bathi, “Lowomfo, angimkholwa, Ngi . . . kodwa yena—yena ngempela ubenoJesu.” Lokho, akukhona yini lokho ofuna bakusho ngawe na? “Lowo wesifazane, leyontombazane, leyondoda, lowo wesifazane, kade enoJesu. Yebo, mnumzane. Awu, bhekani impilo yabo. Bukani ukuthi baphila kanjani, futhi nibheke ukuthi bahamba kanjani. Bhekani indlela uNkulunkulu ababusisa futhi abahloniphe ngayo. Futhi uma benamaphutha abo nezinto, kanjalo, sekuhambile nje, kanjalo, futhi bayaqhubeka ngqo, kanjalo.” O, he, yileyondlela engifuna ukuba yiyo. Anifuni nina na?

223 Manje, okwemizuzu eyishumi, ake sifunde lokhu, sonke lesi sahluko, noma siqale lesi sahluko, njalo, ivesi le 4 . . . Isahluko se 4.

Esakhuluma kubantu, nabapristi, nabaSadusi bethempeli, nabaSadusi (njalo) e . . . ethempelini, nabaSadusi, beza phezu kwabo,

224 Manje nampa abaSadusi, abangakholwa. Isithombe sangempela samabandla namhlanje, angakholelwa kokungaphezu kwemvelo. Abakwazanga nje ukukukholwa. Manje khumbulani, khumbulani, kukhona abantu namuhla

abangakholelwa ku—uMoya oNgcwele olawula futhi ubuse iBandla. Abakholelwa ezimangalisweni. Abakholelwa ezibonakalisweni. Abakholelwa kokungaphezu kwemvelo. Abakukholwa nje. Manje, lowo moya awuyona into entsha. Nanku khona lapha kubaSadusi. Bakholwa into efanayo. Niyabo, imimoya ayifi. Abantu bayafa; imimoya iyaqhubeka.

225 UNkulunkulu wathatha uMoya waKhe, wathatha umuntu waKhe, u-Eliya, nezingxenye ezimbili zoMoya waKhe zehlela phezu kukaEliya. Ngabe kunjalo na? Kwase kuthi cishe eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, kufika uJohane umBhaphathizi. Ngabe kunjalo na? Futhi kuqhube kwehla ngqo osukwini lokugcina futhi. Je- . . .

226 UNkulunkulu wathatha iNdodana yaKhe, iNkosi uJesu. Uyakukholwa lokho na? Kodwa uMoya waKhe uyabuya. Ngabe kunjalo na? KwakukuMartin Luther. KwakukuJohn Wesley. Kwaqhubeka kwehla nonyaka. KwakukuSankey, uMoody, uFinney, uKnox, uCalvin, bonke, niyabo. Kwaqhubeka kwehla ngqo, futhi manje kuyaqhubeka khona namuhla. Bukani abantwana babo emuva lapho, bavele baphike yonke into labo bantu ababekholelwa kuyo; kodwa hhayi abasunguli.

227 Ngenkathi ngima esikhathini esingeside esedlule eduze kwalowo msunguli omkhulu emi lapho, ngabuka futhi ngacabanga, “O Nkulunkulu, buka lapho, uDwight Moody.” Ngacabanga, “Bheka phezulu lapha. Nalowomuntu, izinto ayekhulelwa kuzo; amandla kaNkulunkulu, okungaphezu kwemvelo. Abangafundile! Izincwadi zakhe enizifundayo, niyabona ukuthi zibhalwe ngubani. Wazibhala, qobo lwakhe, kodwa ubani owazilungisayo na? Ukubhala nokufundwa kolimi kwakhe lwakukubi kakhulu. Cishe wayenemfundo yebanga lesithathu, futhi umkhandi wezicathulo omdala. Kodwa, mfowethu, wathumela imiphefumulo eyingxenye yesigidi kuNkulunkulu. Niyabo? Kwakuyini na? Bamkhipha ebandleni, futhi bathi wayewuhlanya nakho konke okunye. Kodwa waphuma futhi wabona isigejane samadoda. . . .

228 Wayenomyalezo enhliziyweni yakhe. Kwadingeka ashumayeke kakhulu kakhulu, wayengazi ukuthi enzeni. Ngakho-ke wahamba wase ethenga ibhokisi lezicathulo endodeni; ukhuni, elikhulu, elidala, ibhokisi lezicathulo lokhuni. Wakhokha usheleni. Walibeka ekhoneni. Nalamadoda edlula. Wama lapho wayeseshumayela, ekhoneni ngqo, kubo, kanjalo. Kunjalo. Futhi ngicabanga ngebandla ayenalo, futhi ngibuke iMoody Bible namhlanje.

229 Futhi ngacabanga, “Buka uJohn Wesley!” Lapho ngimi khona kanye endaweni lapho kwafela khona indoda. Nganginengubo yakhe ayeyigqokile, ibhixiwe. Bayibeka phezu kwamahlombe ami, mayelana nezinhlonipho nje zokuba lapho, ngenkathi ngikhulekela inkosi. Lapho. . . Futhi bayibeka

emahlombe ami. Ngema epulpiti lakhe, ukuthi lapho ayeya khona njalo ekuseni ngehora lesihlanu nqo, futhi ashumayeke kubantu abangamakhulu ayishumi nanhlanu.

²³⁰ Ngahlala esihlalweni sakhe, lapho azuza khona olwa nenkukhu lokho...umfo owayejwayeke ukulwa, abe nokulwa kwamaqhude. Wamzuzela kuKristu. Futhi kwakunesikhumba phezu kwayo, kanje, nezimpondo ezimbili ezinkulu, nendawo enjengalena ehlezi phezulu kuloluhlangothi njengalapha, lapho ababeqopha khona izimpi. Futhi emva kokuba uWesley esephendukile, uWesley waphendulela lendoda kuKristu, khona-ke uyinika isihlalo. Futhi ngahlala esihlalweni futhi—futhi ngakhuleka.

²³¹ Ngahlala esihlalweni sakhe sehhashi lapho, wayekhona lapha eMelika, enegumbi lakhe elincane lemfihlo ngemuva kwayo, lapho ayehlala sakuhlehla ehhashini lakhe, ajikise izinyathelo zesihlalo sehhashi zakhe *kanje*. Futhi endleleni yakhe eza lapha, no-Asbury kanye nabo, wayehlala lapho futhi abhale imilayezo yakhe nezinto, kanjalo, njengoba uNkulunkulu emnika yona. Njengoba wayengakwazi ngisho nokuthatha isikhathi sokuma noma kuphi, wagibela ihhashi lakhe, khona lapha eMelika, ehlezi esihlalweni sehhashi. Futhi ngacabanga, “O Nkulunkulu!”

²³² Ngema lapho lapho leso sikhumbuzo sakhelwa yena khona. Lapho, ngesinye isikhathi, eshumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nebandla eliphakeme laseNgilandi ladedela izimpungushe, nezinja enhla lapho, futhi lazizigijimisele phakathi ngenkathi uWesley waseshumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Futhi uWesley wakhomba umunwe wakhe ebusweni bakhe, wayesethi, “Ilanga aliyikushona, ekhanda lakho, kathathu, futhi uzobe ungibiza ukuba ngikukhulekele.” Nendoda yafa ngalokho kuhlwa inamajaqamba esiswini, imbiza, Wesley woza uyikhulekele.

²³³ Yona leyondoda; unghalala ebandleni lakho futhi uzwe uDkt. Church kanye nabo, zona kanye izimfundiso zebandla elifanayo elalikholwa into efanayo, uphika iBhayibheli lingeliphefumulelwe. Nkulunkulu yiba nomusa. Angifuni nhlango.

²³⁴ Kodwa ngisize ngiphile ukuze esizukulwaneni sami... Angiyikuma kwesinye isizukulwane. Angiyikuba nalutho ukuba ngibahlulele. Angiyikumela ukwahlulelwa nabo. Kodwa kuzofanele ngime ekwahlulelweni kanye nabesilisa nabesifazane engike ngaphila nabo. Yilapho okubala khona, ngaleya ekuvukeni, lapho izinsuku zami seziphelile futhi ngenze okusemandleni ami, uma ngiyinceku kaNkulunkulu. UNkulunkulu uyoMvusela enye indoda ngalolosuku lapho sengihambile. Ngakho-ke asikho isidingo sokuthi ngibeke okuthize ngasesayenseni yami yezenkolo; yimina ukuphila

kulokho kuKhanya enginakho, futhi ngilinde kuze... kuNkulunkulu. Esizukulwaneni esilandelayo, Uyoba nendoda lapho uma lesosizukulwane sikhuphuka. Amen. O, he!

235 “Ukudabukiswa.” Lalelani laba baSadusi.

Bedabukile ukuthi bafundisa abantu, bashumayela ngoJesu ukuvuka kwabafileyo, okungaphezu kwemvelo.

236 “O,” bathi, “lokho ngukuthi... O, siyakholelwa ekuvukeni kwabafileyo. Kodwa manje, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu nezinye izinto, lokho kuphumile.” Ngani, ngudeveli ofanayo. Yinto efanayo. Niyabo?

237 Manje, lezozinsuku, bathi, “O, siyazi Angaphilisa. Kodwa Uzenza uNkulunkulu, lapho Ethethelela izono.” Manje lowodeveli ofanayo uvele wakujikisa nje, uthi, “Namuhla Angathethelela izono, kodwa Akakwazi ukuphulukisa.”

238 Uma enguNkulunkulu, Angaphulukisa, asindise, athethelele izono, nanoma yini. Uhlezi enguNkulunkulu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Bhekani.

Bababamba, babavalela kwaze kwaba kusasa, ngokuba kwase kuhlwile.

Kepha abaningi kwabezwayo izwi bakholwa; . . .

239 Ngani na? Kungani abanye babo bakholwa, kanti abanye abangakholwa na? O, mfowethu, abanye bagcotshelwa ukuPhila okuphakade, futhi abanye bagcotshelwa ukulahlwa okungunaphakade. Yingakho-ke. Kunjalo impela. UJesu wathi, “Akakho ongeza, ngaphandle kokuthi uBaba waMi ambonise kuqala. Ubaba waMi . . .”

240 Yayingaluma kanjani inhlanzi esicuphweni sofudu na? Niyabo? Awukwazi ukukwenza. Isifiso sokudla senhlanzi sihlukile kunesesicabucabu samanzi. Inyoka nenhlanzi azinakho ukudla okufanayo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Yebo, mnumzane. Inhlanzi ihlale iyinto eyodwa, ngokuba yazalwa iyinhlanzi. Iyoba yinhlanzi kuze kube phakade. Futhi lendoda ingase ihumushe . . . Lolu fudu lungahle lufune ukuba inhlanzi. UFudu lunenyama yenhlanzi kulo, kodwa aluyona inhlanzi. Lunenye inyama kulo, nalo. Alusoze lube inhlanzi. Qhabo, mnumzane. Kanjalo nenhlanzi ayisoze yaba ufudu. Ngokuba lwaqala, ufudu, luyohlala luwufudu. Futhi yaqala, inhlanzi, iyohlala iyinhlanzi.

241 Futhi yonke indoda noma owesifazane, haleluya, oseke wazaliswa ngoMoya kaNkulunkulu, ungahle uhlubuke. Yebo, mnumzane. Uma uphuma ubuyela emuva, uzoba ngumuntu olusizi kakhulu owake waphupha ngaye empilweni yakho, uze ubuye. Futhi uma wehluleka ukukwenza, uNkulunkulu uzosusa impilo yakho emhlabeni. UNkulunkulu wethembisa ukukwenza.

²⁴² Lapha esikhathini esingeside esidlule, ngangena eGarage lakwaVorgang ezansi lapha, futhi bengikhuluma nomshumayeli omuhle ongumakhelwane wami lapha. Futhi bengilokhu ngiyihlonipha kakhulu indoda. Wayeyindoda elungile, umshumayeli omuhle. Waphumela kulezi zitaladi ngesikhathi sencindezelo, ethengisa imikhiqizo yakwaRawleigh, ukushumayela iVangeli. Yebo, mnumzane.

²⁴³ Enye indoda yahlekisa ngaye, khona lapha kuSeventh Street, yathi, “Kungani ungenzi—ngenzi *ukuthi-nokuthi?*”

²⁴⁴ Wathi, “Mnumzane, lokhu ukuphila okusemthethweni.” Wathi, “Ngithengisa lapha, eminye imikhiqizo, nezinto ezinjengofulawa wamakhekhe, noma ngabe kuyini, ukwenza konke okusemandleni ami, ngokuba ngingumfundisi weVangeli.” Khona lapha ebandleni likaNkulunkulu; kwakunguMfowethu Ramsey. Futhi wathi, “Ngenza konke engingakwenza.” Futhi wayitshela kanjalo indoda. Ngempela wazalwa ngoMoya kaNkulunkulu.

²⁴⁵ Ngangena eGaraji lakwa-Osborne ezansi lapha, ngolunye usuku. Wathi... Ngathi, “UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Ramsey.” ngathi... Wayengumuntu ompofu. Ngathi, “Bheka imoto yami endala lapha; kufanele ngithathe uhambo.” Ngathi, “Ngibe nesikhathi esimangalisayo nje.” Ngathi, “Ngifisa sengathi ubunami, Mfowethu Ramsey.”

Wathi, “Awu, ngiqagele, bekuzolunga, Billy.”

²⁴⁶ Ngamqalaza. Ngacabanga, “Lokho akuzwakali kahle.” Uyazi, ungasho uma kukhona okwenzekayo. Ngamqalaza.

²⁴⁷ Wathi, “Mfowethu Branham, ngicabanga ukuthi uyazi ukuthi angisayikhonzi iNkosi.”

Futhi ngathi, “Ini?” Nga—ngathi, “Manje udlala ngami.”

Wathi, “Qhabo, angisaYikhonzi.”

²⁴⁸ Awu, ngacabanga ukuthi wayedlala ngami. Ngavele ngaqhubeka ngaphuma. Ngaya ekhaya. Ngatshela uMeda ngakho. Ngathi, “UMfowethu uRamsey wangitshela ukuthi akasayikhonzi iNkosi. Kukhona okuthize ngalokho, Meda, lokho nje akulungile nje impela.”

²⁴⁹ Kwangiphatha kabi. Ngabuyela ezansi futhi. Ngathi, “Mfowethu Ramsey, woza lapha, ngifuna ukukhuluma nawe umzuzu.”

Wathi, “Kulungile, Billy.”

²⁵⁰ Ngaya ngale. Ngathi, “Mfowethu Ramsey, bengiphakathi lapha ezinsukwini ezithi azibe zimbili ezedlule, futhi ungitshele ukuthi awusayikhonzi iNkosi.” Ngathi, “Ubungidlalisa, akunjalo na?”

Wathi, “Qhabo, qhabo.”

251 Ngathi, “Mfowethu Ramsey, uqonde ukuthi awuyikhonzi iNkosi na?”

Wathi, “Qhabo.” Wathi, “Ngihlubukile.”

252 Ngathi, “Awu, Mfowethu Ramsey, kungcono ubuyele kuNkulunkulu.” Ngathi, “Woza, uhambe nami emhlanganweni.”

253 Wathi, “Qhabo, Billy.” Wathi, “A—angisenandaba nokuMkhonza.” Wathi, “Mina nje. . .”

Ngathi, “UyaMkholwa na?”

254 Wathi, “O, ngiyaMkholwa, kodwa nje angiMkhonzi. Ngashiya phansi.” Wathi, “Kube khona izinto eziningi kakhulu.”

Ngathi, “Mfowethu Ramsey, ungabheki izinto. Bheka Yena.”

255 Futhi wathi, “Awu, Mfowethu Branham,” wathi, “Angiyikhonzi nje iNkosi, futhi ngikhetha ukungakhulumi ngakho.”

Ngathi, “Awu, mfowethu, uNkulunkulu abe nawe, akusize.”

Futhi ezinsukwini ezimbalwa ngemva kwalokho, wagula.

256 Omunye umfundisi, ngeke ngilibize igama lakhe, ngoba anginasiqiniseko. Ngikhohwa ukuthi uhlezi ngemuva khona manje. Lo mfundisi waya kuye, ubhuti. Wathi, “Mfowethu Ramsey, awufuni ukuza, ukhonze iNkosi na?”

257 Wathi, “Qhabo.” UNkulunkulu emnika, ngezithunywa zaKhe, izikhathi zombili, izexwayiso. Wathi, “Qhabo.” Emahoreni ambalwa ukusuka lapho, wamqokula ezingalweni zakhe, wayeseya eKhaya. UNkulunkulu wamsusa emhlabeni. Yebo, mnumzane.

258 Khumbulani, uPawulu, lokho abatshela khona ngaleya, le ndoda eyayingeke ilalele iVangeli na? Wathi, “Mnikeleni kudeveli, ukuze kubhujiswe inyama yakhe, ukuze umphefumulo wakhe uzosindiswa.” Kunjalo. Awukwazi ukudlala ngoNkulunkulu. Mfowethu, leloZwi liphefumulelwe, lonke iZwi laLo, lilele ngqo emgqeni wokugweda. Kunjalo. Kuphakathi kokuthi uzokwemukela noma ungathandi. . . Kodwa uma uke wazalwa ngoMoya kaNkulunkulu, uyindodana kaNkulunkulu.

259 Manje, wena ngena. Ijuba negwababa, kokubili, kwakusemkhunjini. Kunjalo.

260 Lapho bededela igwababa elidala; ake sifanise lokho njengokuhlubuka. Igwababa elidala landiza lisuka esidunjini laya esidunjini, futhi lacosha ezidunjini ezindala. Kwakulihambela kahle. Akwenzanga mehluke kulo, ngoba laliyigwababa, kwasekuqaleni. Imvelo yalo, isifiso sakhe sokudla, ulwazi lokudla okuhle kwalo kwakungagaya into enjalo. Ngani na? Lazalwa lunalolo hlobo lokwazi ukudla okuhle. Niyabo, inyongo yalo nezinto ezikulo bekuyokwenza

lesosidumbu esidala...futhi kulwenzele ukudla. Kodwa lapho...Lalinelisekile.

²⁶¹ Futhi unjalo-ke wonke umuntu, angikhathali ukuthi usunesikhathi esingakanani usebandleni, futhi ujike udedele izwe; uma usengakwazi ukuphuma futhi wenze izinto owake wazenza, futhi ukujabulele, kukhombisa ukuthi awukaze uze kuNkulunkulu.

²⁶² Kodwa ngenkathi ededela ijuba, ukubona ukuthi liyokwenzani. Ijuba alinayo inyongo. Alikwazi ukugaya lezo zinto. Futhi uma lingazidla, bekuyolibulala. Kodwa ijuba, liyozama ukundizela phansi; “whewu,” belingekwazi ukukumela. Liyozama ukundizela phansi; “whewu,” belingekwazi ukukumela. Lakhanyisa esihlahleni esincane, ukuze liphumule. Futhi laliphethe iqabunga lomnqumo esandleni salo; labuya langqongqoza emnyango. “Baba uNowa, vula ngingene. Angikwazi ukukumela phandle lapha.”

²⁶³ Wonke owesilisa noma owesifazane ozelwe ngoMoya kaNkulunkulu, impela, ungahlubuka. Kodwa, mfowethu, uma ungumntwana kaNkulunkulu, awusakwazi ukumelana nezinto zezwe, ngoba izinto zakho zokugaya seziguquliwe.

UPetru wathi, “Nkosi, besingayaphi na?”

²⁶⁴ Lapho Wathi, “Niyafuna ukuhamba nani na?” Lapho abanye sebejikile.

²⁶⁵ Wathi, “Singayaphi na? Besingenzani na? NguWe wedwa onokuPhila okuPhakade. Khona-ke singayaphi na?”

²⁶⁶ NaNgu, emi lapha emandleni aKhe, egcotshwe ngoMoya oNgcwele, umphostoli nomprofethi manje. Haleluya! O, ngithanda kanjani ukukumela! “Nokho abanye babo bakholwa,” ngoba babenaKho, bagcotshelwa ekuPhileni okuphakade, ngenkathi lomshumayeli eshumayelile.

²⁶⁷ Wenzani, Mfowethu Neville na? Khona ngqo phakathi kwaleso sigejane sabazenzisi abaklewulayo, khona ngqo phakathi kwalesosigejane sezimpisi ezazingamdonza, isiqephu ngesiqephu, ngenxa yamasiko enkolo! UPetru waphonsa inetha lakhe, phakathi lapha, wathi, “Kungase kube nezinhlanzi phakathi lapho.” Kunjalo. Ngenkathi ephonsa inetha lakhe lapho, waqala ukulidonsa. Wathi, “UNkulunkulu wawobaba, owahamba no-Abrahama besuka e-Uri behlela eKaledi,” yebo, mnumzane “uthumele iNdodana yaKhe, iNkosi uJesu, Ofanele ukwamukelwa amaZulu kuze kube ngukubuyiselwa kwezinto zonke.” Wathi kanjani bona...Wathi, “Nathatha iNkosi yokuThula, ngezandla ezinonya, futhi nabalula futhi nabethela.” Wathi, “Ngokukholwa eGameni laKhe, lendoda iphilisiwe.” Yingakho ngikholelwa kokungaphezu kwemvelo.

²⁶⁸ Waphonsa inetha lakhe laphaya, wayeselidonsa. Lapho esekwenzile, nokho abanye kubo kwakukhona nezinhlanzi.

Abanye, izimfudu, kwaqhubeka kwahamba nezinyoka nokunye nokunye. Babhampa babuya. Kodwa kwakukhona izinhlanzi phakathi lapho, futhi. “Nokho abanengi balikholwa iZwi.” Babemiselwe ukuPhila okuphakade. Yebo, mnumzane. Bakholwa!

...kanye nenombolo ye...amadoda ayengaba izinkulungwane ezinhlanu.

269 Yeka okugcwele inetha akuthola! Yebo, mnumzane. Mhlawumbe esigidini, kodwa wathola—wathola izinkulungwane ezinhlanu kuyo. Qaphelani, akanandaba ukuthi bekuwuhlobo olunjani lwechibi lokubheka. Waphonsa inetha lakhe kulo ngqo. Kunjalo.

270 Futhi asinandaba noma ngabe ogweva, ngoma ngabe izifebe, noma ngabe kuyini. Phonsa inethi! Awazi ukuthi ubani ophansi phakathi lapho. Awazi. Awukwazi ukwahlulela. Akekho umuntu ongahlulela. Kodwa ungaphonsa inetha, futhi ubadonsele e-altare, uthi, “Nakhu, Nkosi. Ngenze ingxenye yami manje.” Uma ngabe i...Futhi uma eyinhlanzi, kwasekuqaleni, uyoba yinhlanzi kuze kube phakade. Yebo, mnumzane. Uma kuyisicabucabu, kwasekuqaleni, kuyoba yisicabucabu kuze kube phakade. Uma i-rein-...INdodana kaNkulunkulu ophilayo engenwe kabusha ibusa aMandla aYo phansi futhi abamba lowo muntu amyise e-altare, inetha leVangeli liseduze. Bhekisisani.

Kwathi ekuseni, ababusi, namalunga, nababhali,

No-Ananiya umpristi omkhulu, noKayafase, noJohane, no-Aleksandru, futhi... abanengi ababeyizihlobo zompristi omkhulu, babuthana eJerusalem.

Sebebamise phakathi, bababuza, Lokhu nikwenze, ngamaphi amandla, nangaliphi igama na?

271 “Ingabe ungumBaptisti na? Ingabe uyiPresbyterian na? Niyabo? Ngamaphi amandla na? Ukanye naliphi ibandla na? Liyini igunya lakho na? Waphuma kuliphi ikolishi na? Ungubani, empeleni na? Ngibonise izincwadi zakho ezikuchazayo. Ake sibone ukuthi ungubani.” Into efanayo. “Ngaliphi igunya onamadoda ngalo eshumayela kanjalo na? Ingabe ulapha egameni leSanhedrin na? Ingabe ulapha egameni la—labaSadusi noma abaFarisi, noma abakaHerodi, noma aBathelisi na? Noma, ungubani na?” Nakho lapho okhona. “. . . ukwenzile lokhu na?”

272 “Futhi, uPetru, esanda kuphuma ekolishi”? ivesi le 8. “UPeter, neziqo zakhe zeBashela, neziqo zakhe zobuDokotela”? Qhabo. O, he! IBhayibheli alikufundi ngaleyondlela. Nakhu okwenzeka kuPetru:

. . . UPetru, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, . . .

273 O, wayesekhulile. Hhayi nje indawo encanyanyana efana naleyo; wayesekhule njalo. Ggcwalisiwe! Noma yini egcwele igcwele yonke indlela. UPetru, engafafaziwe ngoMoya oNgcwele, kodwa, “uPetru, egcwalisiwe ngoMoya oNgcwele.”

274 Manje ake sibone ukuthi wena uzothini kubo. Manje qaphela okushoyo, ngoba bangaphonsela ejele, mfana. Uwu—uwuhlanya lwenkolo manje, abakucabangayo. Manje, ake sibone, ugqugquzela abantu kwenye inkolo, wenza yonke into, ngakho-ke qaphela kakhulu okushoyo.

Kepha uPetru, egcwele uMoya oNgcwele, wathi kubo, Nina babusi babantu, namalunga akwa-Israyeli,

Uma thina namuhla sivivinywa ngomsebenzi omuhle owenziwe kumuntu ongenamandla, ukuthi usindiswa kanjani;

Makwazeke kini nonke, naku...abantu bakwa-Israyeli, ukuthi ngegama likaJesu Kristu waseNazaretha, enambethela esiphambanweni, uNkulunkulu amvusa kwabafileyo, ngaye lo umi lapha phambi kwenu ephilile.

275 Whewu! Ungacabanga nje indoda izama ukubeka uhlobo oluthile lwe—lwesayenze yezenkolo yesichazamazwi ngendoda enjalo na? Mfowethu, wema, egcotshiwe futhi egcwalisiwe ngoMoya oNgcwele. Wathi, “Ngani, nina babusi, wona kanye amandla kaNkulunkulu enizisho ukuthi yiwo, yena kanye lowo Nkulunkulu wavusa iNdodana yaKhe uKristu Jesu, ukukhombisa okungaphezu kwemvelo. Nani, nezandla ezimbi, niMbethele esiphambanweni.”

276 Awudingi ukuMbethela esiphambanweni. Mphike nje, uyaMbethela futhi. Benza into efanayo namuhla. NiyaMbethela!

277 Wathi, “Makwazeke kini.” Ngamanye amazwi, “UNkulunkulu ofanayo enizisho ukuthi nimmele, uvuse lomfana.” Nakho la bekhona. Wathi, “KungaYe lendoda iphila. Uma sihlolwa ngesikwenzile kulowo muntu,” wathi, “makwazeke kuwe, kwakungethina. Kodwa kungoJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ukuthi lendoda isami iphelele, namhlanje.”

278 Manje ake nginitshela ukuthi yini enye ayishilo lapha. “ITshe leli . . .” O, o, mfowethu, uzolihlikihla yini manje!

Yena uyitshe eladelwa yinina baki, eseliyinhloko yegumbi. (Lalalani.)

Futhi akukho ukusindiswa komunye: ngokuba alikho elinye igama phansi kwezulu elinikiwe phakathi kwabantu, enimelewe ukusindiswa ngalo.

279 Mfowethu, ngithi ukuthanda nje ukushumayela kukaPetru khona lapho. Wathini kubo, ngamagama amaningi na? “Animazi yini umprofethi u-Isaya, nabanye abaningi, bakhuluma

ngokuthi abakhi bayonqaba iTshe legumbi na?” Ngamanye amazwi, “Yiyo kanye le nto, ukwenqaba kuyiyo kanye into uNkulunkulu athi niyoyenza. Anazi ukuthi niyingxenye yakho na?”

²⁸⁰ Futhi mangisho ngenhlonipho yokuzithoba, futhi mangisho ngenhlonipho, mangisho ngothando lukaNkulunkulu, lona kanye lolusuku, mfowethu nodadewethu othandekayo. Yona kanye into iBhayibheli elathi lamadoda ayeyoyenza ngezinsuku zokugcina, “Babe nesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha bayophika aMandla akho,” nakho la bekhona. ITshe legumbi, lenqatshiwe. O, he! Impela, ngikholelwa kokungaphezu kwemvelo.

Wathi, “Futhi ayikho insindiso ngaphansi kwanoma yiliphi elinye igama.”

²⁸¹ Makuthi mina, esikhundleni sakhe, kulokhu ukusa, ngimi futhi ngicaphunela lesisizukulwane, “Ngokuba uma umuntu engazalwa ngokusha, angeziqonde lezi zinto, uMbuso kaNkulunkulu,” njengoba Washo kuNikodemu wasendulo.

²⁸² Ungekuqonde, awusoze wakuqonda, kuze kungene uNkulunkulu enhliziyweni yakho. Futhi uyoba yingxenye yaKhe, khona-ke uyothi, “Yebo, Nkosi, konke nokuncinyana kweZwi kuphefumulelwe. Ngikholwa konke nokuncinyane kwaLo. Ngikholwa ukuthi LiyiQiniso. Futhi ngilapha, Nkosi, ukuhamba ekuKhanyeni.” Inqobo nje uma usemngceleni phandle lapho, ungeke waLikhola. Ungekwenze. Kwangathi iNkosi inganisiza, kulokhu ukusa, ukuba nibone okungaphezu kwemvelo.

²⁸³ Sengathi ningakuqonda lokhu, lokho amaHeberu 13:8, athi, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.” Khumbulani, izithembiso zaKhe zinhle nje namuhla njengoba zazinjalo ngaleyonkathi; wonke umyalo, lonke iZwi likaNkulunkulu libopha ngokufanayo nje.

²⁸⁴ Futhi angikhathali, mfowethu, ukuthi bangaki abantu abaLigxekayo, bangaki abathi Alinjalo.

²⁸⁵ Bengingakwazi, namuhla, ngomusa kaNkulunkulu, ukukhiqiza abantu abayizinkulungwane eziyishumi, ngimi lapha, owake wafa ngomdlavuza, owake waba yimpumpithe, owake waba yisishosha, owake waba ngalendlela; eminyakeni embalwa edlule wenziwe waphila, ngaMandla kaNkulunkulu ophilayo. Futhi lena yiyo kanye into uJesu Kristu athi iyokwenzeka ngezinsuku zokugcina.

²⁸⁶ Futhi ngokuqinisekile njengoba uJesu asho lokhu kuphulukisa kuyokwenzeka, Wathi kuyobakhona abagxeki ngaphandle, behlekisa ngaLo, nakho konke okunye. Bobabili, bagcotshelwa ekuPhileni okuphakade, futhi nginjalo... ekuPhileni okuphakade noma ekulahlweni kwanguna phakade.

287 Ngijabula kakhulu, namuhla, ukwazi ukuthi uNkulunkulu uphakathi kwethu, nokumemeza kweNkosi kulapha, izindumiso zikaNkulunkulu.

288 Kunezikhathi eziningi engiye ngahluleka ukukhuleka umkhuleko wokukholwa. Kunezikhathi eziningi engizame kanzima, futhi ngehluleka ukukwenza, ngoba ukukholwa kwami bekungahlangabezani nakho. Lokho akuliguquli nakancane iZwi likaNkulunkulu. Uma ngikhulekela abantu abayizinkulungwane eziyishumi namuhla, futhi abayizinkulungwane eziyishumi bafa ekuseni, kusasa ebusuku bengiyobe ngilapha ngikhulekela abagulayo, ngokufanayo nje, ngoba iZwi likaNkulunkulu lasho njalo. Kunjalo.

Ngiyakholelwa enkolweni yakudala,
Ngiyakholelwa enjabulweni engiyaziyo;
Ngikhohlelwa ukuthi indlela esiyihambayo,
Indlela eyahanjwa obaba bethu.

O, nginike lenkolo yakudala,
O, nginike injabulo engingayazi;
Ngoba ngikhohlelwa enkolweni esuka
enhliziyweni,
Njengoba obaba bethu bayemukela kudala.

289 Amen. Mfowethu mangifele ehhanisini. Mangihambe njengenceku kaNkulunkulu. Ngiphile noma ngife, ngikhohlelwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu elingenaphutha liyiQiniso. Futhi Lifundisa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nezibonakaliso, nezimanga, nezimangaliso, ukubonakala ngalolu izinsuku zokugcina. Futhi angakufakazisa ngeZwi likaNkulunkulu, futhi angakukhombisa ezweni, lapho seLisebenze khona. Futhi uma Lizosebenza laphaya, kungani Lingeke lisebenze kuwe na? UJesu wathi, “Uma ukholwa, zonke izinto ziyenzeka.”

Singakhuleka.

290 Baba, Nkulunkulu, siza kuWe ekukhanyeni kweZwi laKho, naseMandleni kaMoya oNgewele, osihlinzekile, Nkosi, wasipha okuvela Phezulu, ukuba sibe yizinceku zaKho. Futhi siyaKuthanda. Futhi siyazi ukuthi Wena yasithanda, ngoba Usikhethile. Wena wathi, ngeNdodana yaKho, uJesu, “AniNgikhethanga, kodwa yiMi enginikhethile. Akakho oza kuNkulunkulu, kuphela ngoKristu. Futhi akekho ongeza kuKristu, ngaphandle uma uNkulunkulu emdonsa kuqala.”

291 Ngakho-ke, Baba, kuWe sinikeza udumo. KuWe ngiyayithoba inhliziyo yami, Nkosi. O Kristu kaNkulunkulu, susa konke, enhliziyweni yami, okungesikho lokho Obungathanda kube yikho, Nkosi. Futhi makube ngokwaKho nje, futhi kube ngokwenkazimulo yaKho. NginyaKuthanda, Nkosi yami.

292 Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa laba, abantu baKho lapha kulokhu ukusa, bonke. Abaningi babo lapha

abagulayo, Nkosi. Banabantu abagulayo. Bacela izicelo. Futhi, Baba, o, kuleminyaka, selokhu ngaKwazi, ngaKukholwa njengomphulukisi omkhulu. Wena ukufakazisile, ngapha nasemhlabeni jikelele, Nkosi, ukuthi UyiNkosi uJesu ovusiwe kwabafileyo. Manje ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobusisa lababantu lapha kulokhu ukusa. Busisa.

²⁹³ Uma kukhona ongasindisiwe lapha, kwangathi manje bangakholwa eNkosini uJesu Kristu. Akunandaba noma ngingamenyusela lapha e-altare, uma bengagcotshelwanga ekuPhileni okuphakade, kuzophonsa nje inetha kuphela, yilokho kuphela. Kodwa, Baba, njengoba uPetru eshumayela iZwi, futhi wathi, “Abaningi abakholwa, kwenezelwa eBandleni.” Baba ngiyakhuleka ukuthi namuhla Uzokwengeza izinombolo eBandleni lakho. Siphokhona. Kwangathi abantu abaningi bangakholwa Lokhu futhi babone ukuthi KuyiQiniso. Balapha kulokhukusa ngenhloso ethile. Futhi ngikhulekela ukuthi Ubagcobebe ekuPhileni okuphakade. Futhi sengathi bangaKwemukela namhlanje, ngoJesu.

²⁹⁴ Futhi ngikhulekela abagulayo, njengoba ngibaletha ngase-altare manje, ukuba ngibakhulekele, ukuba gcoba, ilunga laKho kanye nami. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosipha umusa ebusweni baKho. Makuthi, engxenyeni yethu, ukuthi kuzoba nokukholwa okungahluleki.

²⁹⁵ IZwi likaNkulunkulu, okwathi, ngisho nangemva kwezinkulungwane zeminyaka, nalabo asebafa iminyaka eyizinkulungwane ezine, UJesu wahamba wayobatshela ukuthi iZwi likaNkulunkulu laliqinisekisiwe emhlabeni. ALinaphutha kanjani!

²⁹⁶ Futhi Wena wathi, “Bekani izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Ukuthunywa kokugcina, amazwi okugcina awa ezindebeni zaKho ezingwele, iZwi likaNkulunkulu eliphefumulelwe. Wena wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Bayobeka izandla phezu kwabagulayo; kuyakululama.”

²⁹⁷ Futhi, Baba, njengoba beletha abagulayo lapha, mathupha, kulokhu ukusa, ukuba bakhulekelwe. Ngiyakhuleka, lapho sibeka izandla zethu phezu kwabo, sibagcoba ngamafutha, ngokweZwi laKho, ukuthi bonke bazophiliswa. Siphe ukuthi ukukholwa kwethu kuzoba okulungile, nokukholwa kwabo kuzoba okulungile. Kugxiliswe okwehange impela eZwini elishunyayelwe kulokhu ukusa, iZwi likaNkulunkulu ophilayo. Futhi uzitholele udumo kuWe uqobo. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Sizohamb'ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

²⁹⁸ Ngiyaxolisa nginigcine kwaze kwaba leyithi. Manje abantwana abancane banokudla kukaSonto sikole lapha, emzuzwini nje. Bane, o, amabhokisi oswidi, namawolintshi, nesaka lezinto ngalapha kwabancinyana, ngokushesha nje lapho siqeda ngengxenye engewele yenkonzo, emzuzwini nje.

²⁹⁹ [Udade ebandleni uthi, “Mfowethu Branham?”—Umhl.] Ya. Ya. [Akuqoshwanga eteyipini.]

³⁰⁰ Kukhona okuthize, futhi ngikholwa ukuthi yilengane. Ngakho, khona-ke, uma ukhothamisa ikhanda lakho.

³⁰¹ Nkulunkulu Somandla, angazi. Wena uyazi ukuthi konke kungokuthile, kimina, angikuqondi. Angazi. Kodwa, Baba, kubukeka sengathi, ukuthi emva kwalomlayezo, nalona ozayo, lengane iza lapha, futhi mina ngibheke ebusweni bayo; futhi ngokwalokho engikutsheliwe, ndawondawo, nofakazi kaDadewethu Cox, noMoya oNgewele lapha e-altare. Angazi; kungengaphezu kokuba ngangazi usuku engahamba ngalo nalelokhehla lekhaladi elaliyimpumpothe. Kanjalo angikwazi ukuqonda manje, Nkosi; kungengaphezu komfana eFinland, owavuswa kwabafuleyo. Kanjalo angilukuqondi udaba lwalokhu; futhi Ungakubeka kanjani phezu kwenhliziyo kadokotela, ukuthumela ngapha. UMoya waKho uhamba!

³⁰² Manje, Baba, ngokulalela lokho Oyale ukuba kwenziwe, futhi ngokweZwi engilishumayele kanzima kulokhu ukusa, njengekholwa kulo, ngiya phambili ukuphonsela inselele udeveli obophe lengane. Ngibeka izandla zami phezu kwekhanda layo, naphezulu phezu kwamehlo ayo amancane; ngiphakamisa isandla sami kuNkulunkulu, engikholwa kuye, okhulumile futhi Lingehluleke. Ngicela ukuthi umdlavuza emehlweni ale ngane uphume.

³⁰³ Futhi ungena ebumnyameni obungaphandle, lapho ungowakhona, wena omubi omnyama, eGameni likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, eNgimbele.

³⁰⁴ Futhi kwangathi amehlo alengane angaba ajwayelekile. Kwangathi umama angabuya, enikeza udumo nenkazimulo kuNkulunkulu, ngokuphulukiswa kwalengane. Lokhu ngikwenza ekukholweni kweqiniso kuNkulunkulu, ngikholwa iZwi laKhe, ngaLifundisa. Futhi ngikholwa ukuthi umbono ungishayile, inceku yaKhe, ngimi kulendawo efanayo. Futhi, Nkosi, Uyakwazi Okufaka enhliziyweni yami khona manje. Futhi ngicela ukuba amaZwi aKho agcwaliseke, nempilo yalengane isindiswe, nayo ukuba iphile futhi ibe nempilo

namandla, futhi ikwazi ukubona futhi, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

³⁰⁵ Udadewethu, othandekayo, engazi ukuthi ikusasa liphetheni, kodwa ekholwa...Nakhu, kuza kimi. Nakhu. Bekuzoba okuthile...Khona lapha yilapho ibhokisi lomkama labekwa khona, uHope. Futhi bekuyilokhu ukusa. Futhi kwaku—kwakunguHope owavuka wathi akayikufa. Futhi into, ngiyakholwa, yayiqonde kulengane manje. Ilele endaweni efanayo ncamashi. Futhi ngingacishe ngisho ngokuqiniseka ukuthi ngu ISHO KANJE INKOSI.

³⁰⁶ Nenekazi, angikwazi, kodwa ngikholwa ukuthi leyongane izovuka futhi iphile, futhi ibe ngejwayelekile. UNkulunkulu akubusise. Mangizwe enganeni yakho.

³⁰⁷ Igama lakho ngubani? [Umama uthi “Nkk. Bowen,” futhi uqala ukusho imvelaphi yesimo sengane yakhe. Uphinde Uthi, “Ukholo lwami luqala ukuntengantenga kancane. Futhi, niyabo, ngiyehlulekisile, futhi ngehlulekisa uNkulunkulu, kanye nayo.”—Umhl.] Yebo, wehlulekise uNkulunkulu, qobo lwakho.

³⁰⁸ [Umama uyaqhubeka elandisa ngemvelaphi yesimo somntwana wakhe. Uphinde Uthi, “Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.”—Umhl.] Lelo iculo lami eliyisiqubulo, futhi, “Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.”

³⁰⁹ [Udade uyaqhubeka elandisa ngemvelaphi yesimo sengane yakhe. Uphinde Uthi, “UNkulunkulu engimaziyo angaphulukisa.”—Umhl.] Yebo, dade. Ya. Niyabo?

³¹⁰ Futhi manje, thembisa uNkulunkulu, ngenkathi usami endaweni efanayo. Nkulunkulu akavumele ingane yakho iphile, uzoMkhonza inqobo nje uma usaphila, futhi ube ngumKristu owaziwayo futhi uMkhonze. Wena nomyeni wakho, futhi.

³¹¹ Uzokwethembisa, emuva lapho, babayi, futhi na? Uma uNkulunkulu evumela ingane yakho ukuba iphile, uyathembisa ukuthi uzoMkhonza na? Isandla sakhe siphezulu kuNkulunkulu. Uzokwenza okufanayo.

³¹² [Umama uqhubeka nokukhuluma. Uphinde uthi, “Ngenkathi ngisengumntwana nje, Wangibizela enkonzweni yaKhe, futhi angikaze ngikuvumele.”—Umhl.] Kulungile. Manje, hamba manje, wena nomyeni wakho nikhonze iNkosi. Futhi uNkulunkulu abusise ingane futhi ayiphilise. Amen. UNkulunkulu akubusise, dade.

Makani lokho ezincwadini zenu manje.

Woza, mfowethu, Mfowethu Neville.



UKUPHULUKISA NGOKUKANKULUNKULU ZUL54-1219M
(Divine Healing)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngoDisemba 19, 1954, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org